



KWAZULU-NATAL
PROVINCIAL GOVERNMENT

SIMAMA

USHICILELO LWAMAHHALA LUKAHULUMENI WESIFUNDAZWE SAKWAZULU-NATAL

USHICILELO 219 • AUGUST 2017

WAMUKELWE NGESASASA UMQONDISI-JIKELELE



Kuqopheke umlando kuHulumeni wesiFundazwe ngosuku lokuqala lwenyanga yabantu besifazane ngesikhathi uNdunankulu ethula uMqondisi-Jikelele wokuqala ongowesifazane. Lokhu ukwenze emhlanganweni wezikhulu eziphezulu zeHhovisi likaNdunankulu obuseThekwini. **Udaba ekhasini 3**

WOMEN'S DAY 2017

THE YEAR OF OR TAMBO:
WOMEN UNITED IN MOVING
SOUTH AFRICA FORWARD



09 | AUG 2017

MONDLO
STADIUM,
B SECTION

08H00



MR THEMBINKOSI WILLIES MCHUNU
KWAZULU-NATAL PREMIER



Life and Legacy of
OR TAMBO.
100 YEARS



OKUNGAPHAKATHI

MAYELANA NALOLU SHICILELO



Ushicilelo lukaHulumeni wakwaZulu Natal olusemthethweni. I-Simama iqukethe phakathi kokunye izindaba, imibiko, nezimemezelo zaHulumeni wesiFundazwe.

Ishicilelwa kabili ngenyanga.

Uma unesifiso sokuthola ikhophi yakho ithunyelelwe esikhungweni sakho esifana nesikole, umtapo wolwazi, isibhedlela, ungathintana neHhovisi likaNdunankulu waKwaZulu-Natali: 033 341 3300 noma simosenkosi.chamane@kznpremier.gov.za
Liyatholakala naku: www.kznonline.gov.za

Ithimba elihlanganise iphephandaba:

Umhleli omkhulu:
Mahlathi Tembe

Umhleli wamakhasi nezindaba:
Bonga Khoza

Abezithombe eHhovisi likaNdunankulu:
Zandile Shange no Themba Mntyali

© KZN Provincial Government



IHHOVISI LIKANDUNANKULU LIKLOMELISE ABASEBENZA NGOKUZIKHANDLA

IKHASI 4

IHhovisi lika Ndunankulu lasungula loluhlelo lokuklomelela abasebenzi balesiFundazwe abazikhandlayo ekuletheni izidingo ngqangi kubantu ngonyaka ka 1999. Inhloso yokusungulwa kwalemiklomo kwaba ukugqunguzela imigomo yeBatho Pele kanye nokwakha isiko lokusebenza ngokuzikhandla ekuletheni izidingo ngqangi kubantu.



OGOGO NOMKHULU ABAYITHOLE EZINKULISA NASEMASONTWENI IMITHI YOKUBELAPHA

IKHASI 6

Abantu abadala kumele basondezelelwe imithi yokwelapha izifo ezibahluphayo ezindaweni eziseduzane nomphakathi ezifana nezinkulisa kanye namasonto.

SEKUALIWE UKUBHALISELA UMGIJIMO WEMANDELA DAY MARATHON NONYAKA

IKHASI 8

Selidume ladlula kulabo abebefisa ukungenela umncintiswano womgijimo oba minyaka yonke ngenyanga kaAugust. Ikomidi elihlela lomjaho limemezele ukuthi ukungenela lo mjaho kulonyaka kuvulwe ngezi 31 July.

ISILO SAMABANDLA SELULEKA ABASEBENZI BAKAHULUMENI NGOKUSEBENZA NGOBUQOTHO

IKHASI 12

Isilo samaBandla sishiye abasebenzi bakaHulumeni nomyalezo oshubile wokuba bavuselele ubuqotho nokuhlonipha umsebenzi.




UDLUNGWANA UTHI SEZIHUBELA SAKUSHA

IKHASI 15

UMhlaka 13 July 2017 kube usuku olukhulu eMnyangweni wezeMfundo ngenxa yokuthi lolusuku kwakungolwekhulu (100) ngaphambi kwezivivinyo zikamatikuletsheni.



KWAZULU-NATAL
PROVINCIAL GOVERNMENT



WAMUKELWE NGESASASA UMQONDISI-JIKELELE UDOKOTELEA NONHLANHLA OMIC MKHIZE

■ Ngiyanxusa ukuba kube khona ukusebenza ngobuchule kubasebenzi bonke kanye nozinzo emsebenzini ukuze lesisiFundazwe sibe ngesihamba phambili.

MAHLATHI TEMBE

Kuqopheke umlando kuHulumeni wesifundazwe ngosuku lokuqala lwenyanga yabantu besifazane ngesikhathi uNdunankulu ethula uMqondisi-Jikelele wokuqala ongowesifazane.

Lokhu ukwenze emhlanganweni wezikhulu eziphezulu zeHhovisi likaNdunankulu obuseThekwini.

Kudume ihlombe elidonse isikhathi eside kujatshulelwa lesisimemezelo esenziwe nguNdunankulu waKwaZulu-Natal, uMnu Willies Mchunu.

Besekuphele cishe iminyaka emibili lesisiFundazwe singenaye uMqondisi-Jikelele. Bekukhona abebabambile.

Enkulumweni eyethulwe nguNdunankulu uMacingwana, unxuse bonke abasebenzi ukuba bameseke uMqondisi-Jikelele omusha. Ubuye wanxusa ukuba kube khona ukusebenza ngobuchule kubasebenzi bonke kanye nozinzo emsebenzini ukuze lesisiFundazwe sibe ngesihamba phambili.

Ubuye wanxusa abasebenzi ukuba bangazihlanganisi nenkohlakalo.

Esephfumula uMqondisi-Jikelele omusha uDokotela Nonhlanhla Mkhize naye unxuse ubambiswano kubasebenzi.

Ukugcizelele ukuthi inqubo kaHulumeni edume ngokuthi, Batho Pele (Okusho ukuthi abantu phambili) kufanele abasebenzi bayihloniphe.

Ubuye wathinta udaba lokuthi abasebenzi bakahulumeni kungakuhle ukuba babe nezizigqebhezana ezikhombisa igama nokuthi usebenzaphi (name tags). Kwethuke zonke izikhulu eziphezulu ngenkathi eveza esakhe ekubeni bekungusuku lwakhe lokuqala emsebenzini.

Uthe lezizigqebhezana zizosiza umphakathi ukuze wazi ukuthi ubani lo msebenzi kahulumeni.

Ubuye wathinta indaba yokufika ngesikhathi kwabasebenzi ukuthi okujwayelekile abasebenzi bakahulumeni abanye babo bayaye bangasigcini isikhathi.

(Ubengasho abakulesisiFundazwe) kodwa ubesho nje umkhuba oyaye

wenziwe ngabasebenzi bakaHulumeni.

Ubuye wahlala izithonto odabeni lwenkohlakalo ukuthi angeke ayibekezelele uma yenziwa ngabasebenzi bakaHulumeni ngoba izimali zabakhokhintela.

UDokotela Mkhize useke waqhoqhobala izikhundla eziphezulu kuHulumeni kazwelonke nakwisiFundazwe saseMpumalanga.

Ngonyaka ka 2012 ubenguMqondisi-Jikelele kwisiFunda saseMpumalanga.

Wake waba futhi uMqondisi-Jikelele emNyangweni ophathelene nabasifazane nalabo abakhubazekile kuHulumeni kazwelonke.

Uke wabamba njenge Phini loMqondisi-Jikelele kwiHhovisi likaNdunankulu kuso lesisiFundazwe kusukela ngo 2005 kuya ku 2009.

Kuso lesisiFundazwe kwiHhovisi likaNdunankulu wake waba uMqondisi omkhulu (Chief Director) ophikweni lwamalungelo esintu.

Wake waba uMqondisi eMnyangweni wezobuciko neSayensi eMnyangweni kazwelonke.

Ngaphambi kwalokho wabe enguMqeqeshi omkhulu (Senior Lecturer) eNyuvesi yaseZululand.

Kanti waqala ukusebenza njengoMqeqeshi (Lecturer) noMcwani kuyo belu iNyuvesi yaseZululand.

Maqondana nezemfundo, hhayi kufundiwe la.

Uneziqo zobuDokotela (hhayi ezokuhlonishwa) kodwa azifundela kwezemfundo agogoda kuzo ngo 1998. Ubuye abe noxhaxha lweziqo okubalwa kuzo ezilandelayo: B.Ed, Masters of Arts, BA Honours, B.A. kanye ne STD (Secondary Teachers Diploma).

Sithi Halala kuMqondisi-Jikelele ongowokuqala wesifazane KwaZulu-Natal selokhu kwaba khona uhulumeni wentando yeningi ngo 1994.



UDokotela Nonhlanhla Omic Mkhize onguMqondisi-Jikelele omusha esiFundazweni saKwaZulu-Natal, ngesikhathi ethula inkulumbo yakhe phambi kwezikhulu zeHhovisi lonyango kaNdunankulu. **Isithombe: ZANDILE SHANGE**

WOMEN'S DAY 2017

THE YEAR OF OR TAMBO:
WOMEN UNITED IN MOVING
SOUTH AFRICA FORWARD

DATE: 09 AUGUST 2017

TIME: 08H00

VENUE: MONDLO STADIUM,
B SECTION

Mr Willies Mchunu
Premier of KwaZulu-Natal



#WOMENSDAY
#WOMENSMONTH



Undunankulu waKwaZulu-Natal ethula ngokusemthethweni uDokotela Nonhlanhla Omic Mkhize onguMqondisi-Jikelele esiFundazweni saKwaZulu-Natal **Isithombe: ZANDILE SHANGE**



Life and legacy of
OR TAMBO.
100 YEARS



IHOVISI LIKANDUNANKULU LIKLOMELISE ABASEBENZA NGOKUZIKHANDLA

Hhovisi lika Ndunankulu lasungula loluhlelo lokuklomelisa abasebenzi balesiFundazwe abazikhandlayo ekuletheni izidingo ngqangi kubantu ngonyaka ka 1999. Inhlolo yokusungulwa kwalemiklomelo kwaba ukuququguzela imigomo yeBatho Pele kanye nokwakha isiko lokusebenza ngokuzikhandla ekuletheni izidingo ngqangi kubantu.

Abathola lemiklomelo kubalwa iminyango kaHulumeni wesifundazwe esebenze kahle, oMasipala besifundazwe kanye nezisebenzi zikaHulumeni ezenza umsebenzi omuhle.

Lomcimbi wokuklonyeliswa kwabasebenzi unezigaba ezahlukene kodwa kuzo zonke lezigaba kubhekwa abasebenzi asebasebenze isikhathi eside, abenza umsebenzi oncomekayo kanye nabasebenzi abavelele.

UNdunankulu ukhuthaza abazuze lemiklomelo ukuba babe yisibonelo esihle kozakwabo futhi izinga lomsebenzi labo lingehli kunalokho liqhubekela phambili nokuyikho okubenze bazuze lemiklomelo, uNdunankulu uyabakhuthaza futhi ukuthi baqhubeka njalo nokulandela imigomo yeBatho Pele ewumhlahlandlela neqinisekisa ukuthi ukulethwa kwezidingo kubantu kuyashesha futhi kwenzeka ngendlela efanelekile. Abasebenzi abazuze lemiklomelo akuvumelike ukuba baphinde



bayingenele eminyakeni emibili emuva kokuwina ngokomthetho olawula izisebenzi zikaHulumeni.

Abahlomule ngezindondo zegolide kubalwa:

- Edendale Hospital: Best Batho Pele team of the year
- Miss Phumzile Mgojo: Best Frontline Service Delivery Employee of the year
- Miss Samukelisiwe Shezi: Best Public Servant of the year
- Mr Godfrey Zulu: Best Municipal Manager of the year
- Mr Mavuso Tshabalala: Best Public Service Leader of the year
- Ethekwini Municipality: Best Public Service Implemented

- Programme/Project of the year
- Ulundi Local Municipality: Best Run Municipality of the year
- Department of Transport: Most Functional, Professional & Ethical Dept. of the year
- Msinga Ward 5 War Room: Most Functional War Room of the year

Abahlomule ngezindondo zesiliva kubalwa:

- Hluhluwe Cost Centre Dept of Transport: Best Batho Pele team of the year
- Msinga Local Office Dept of Agriculture & Rural Development: Best Batho Pele of the year
- Miss Ntokozo Khuluse: Best Frontline Service Delivery

- Employee of the year
- Miss Hlengiwe Buthelezi: Best Public Servant of the year
- Mr Dhanpalan: Best Municipal Manager of the year
- Qwabe Development Project: Best Public Service Implemented
- Ugu District Municipality: Best Run Municipality of the Year
- Department of Arts and Culture: Most Functional, Professional & Ethical dept. of the year
- Zidweni War Room: Most Functional War Room of the year
- Wheelchair Repair Programme: Best Public Service
- Innovation/Creativity of the year

Abahlomule ngezindondo zethusi kubalwa:

- Greenfields Child and Youth Care Centre: Best Batho Pele Team of the year
- Mr Phumezile Garane: Best Frontline Service Delivery Employee of the year
- Miss Nonhlanhla Hlatshwayo: Best Public Service of the year
- Mr Sizweni Sikhosana: Best Municipal Manager of the year
- Office of the Premier: Most Functional, Professional & Ethical Dept. of the year
- Pongola Ward 7 War Room: Most Functional War Room of the year
- Uthukela Interactive Tourism Website: Best Public Service Innovation/Creativity of the year
- Abathole izitifiketi zokubongwa kubalwa:
 - Dundee Local Office: Best Batho Pele Team of the year
 - Zilungisele Primary School: Best Batho Pele Team of the year
 - Umkhanyakude District Office: Best Batho Pele of the year
 - Mr Khulekani Msomi: Best Frontline Service Delivery Employee of the year
 - Miss Sthembile Masinga: Best Public Servant of the year
 - Jonny Makhathini Youth Centre: Best Public Service Implemented
 - Programme/Project of the year
 - Pomeroy Communities in Dialogue Programme: Best Public Service Implemented
 - Programme/Project of the year
 - Kwa Jobe Ward 3 War Room: Most Functional War Room of the year

Uhlelo lwe-National Health Insurance(NHI) iyona ndlela yokuqinisekisa ukuthi abantu bathola usizo lwezempilo olusezingeni

UNgqongqoshe wezeMpilo KwaZulu-Natal uDkt. Sibongiseni Dhlomo usekugcizelele ukuthi uhlelo lwe-National Health Insurance (NHI) iyona ndlela okuzoqinisekisa ngayo ukuthi bonke abantu bakulesifundazwe bathola usizo lwezeMpilo ngale kokukhokha.

UNgqongqoshe Dhlomo ubekade ekhuluma ehholo lomphakathi oSizweni eNewcastle nokuyilapho achazele khona umphakathi kabanzi ngokusebenza kwe-NHI nanokuthi umphakathi uzosizakala kanjani.

Echaza uNgqongqoshe uthe i-NHI isungelelwe ukubhekana nezidingo zawo wonke umuntu kungakhethiwe ukuthi uyahlupheka noma unemali na.

Ngokuchaza kukaNgqongqoshe Dhlomo, isifundazweni saKwaZulu Natal sibe nenhlanhla enkulu yokuba kuqokwe izifundazwe zaso ezintathu ukuthi zilungiselele ukuqala kwaloluhlelo.

Lezifundazwe kubalwa kuzo leso sase Amajuba; UMzinyathi kanye noMgungundlovu.

Kwezinye zezinto esenziwe ukulungiselela lombhidlango, sekuvuselwe izibhedlela kanye nemitholampilo yabekwa ezingeni yalezo zibhedlela ezizimele.

Okunye okugqamile kube ukuqaliswa kohlelo lokuhambela kodokotela emitholampilo ikakhulukazi leyo esizindaweni zasemaphandleni, ngokunjalo futhi, nokusatshaliswa kwemithi yezifo zamahlalakhona ukuthi itholakale ezizindeni eziseduze nalapho kuhlala khona iziguli.

Echaza uNgqongqoshe ngemiphumela yalemizamo uthe: “Uhlelo lwe-NHI ingxenye yemizamo kaHulumeni yokuzama ukubuyisa isithunzi somuntu oMnyama ukuthi wonke umuntu akwazi ukuthola izinga lezempilo elilinganayo kungazange kubhekwe iphakethe lakhe. “Nakanjani i-NHI izokwazi ukuqinisekisa ukuthi wonke umuntu uhlinzekwa ngezempilo ezizezingeni.”

Umehluko usaqalile ukubonakala njengaloku kulezifunda ezintathu sekukhona:

- Amathimba ahambela ezikoleni ama-School Health Teams
- Laba bahlola baphinde bavikele zonke izifo ezenza abafundi ukuthi bangakwazi ukucosha ngokuphelele uma kufundiswa, kubalwa izinkinga zamehlo, ukungezwa kanye nezifo ezingena ngomlomo.
- Amathimba akuma Ward Based



Committee

• Laba basiza kakhulu ukubona izinkinga zezeMpilo emiphakathini zisafufusa bese begceda ngolwazi lokuthi lona ophathekile angasizakala kanjani.

• Ukuba khona kwabo kuphinde kusize ngokuthi abantu bafunde kabanzi ngezifo nanokuthi zingagwemeka kanjani.

- Ukusatshaliswa kwemithi

ngaphansi kwe Central Chronic Medicine Dispensing and Distribution (CCMDD);

• Lapha kusetshenziswa amasonto; imizi yabaholi kanye namakhansela; izinkulisa; amahholo kanye namakhemisi ukuthi abantu balande imithi yabo ngaphandle kukubamba olayini ezikhungweni zezempilo.

• Okujabulisayo ngayo yonke

lemizamo ukuthi konke loku okwenziwayo akugcini nje kulezifunda ezintathu eziqoqiwe kodwa konke okuhle nokubonakala kuzothuthukisa izimpilo zabahlali baKwaZulu Natal kuphinde kusabalaliswe kuso sonke isifundazwe, kuchaza uNgqongqoshe Dhlomo.

SPHAMANDLA NDABA

Ube ngenkulu impumelelo umcimbi wokuklomelisa abavelele nabasafufusa emkhakheni wezamafilimu obizwa ngamaSimon Mabhunu Sabela Awards.

Lo mcimbi, owawuhlelwe iKZN Film Commission okuyisikhungo esingaphansi komnyango wezokuThuthukiswa koMnotho ezokuVakasha nokoNgiwa kweMvelo KwaZulu-Natali wawubanjelwe ePlay House eThekwini ubanjwa minyaka yonke ukuhlonipha bonke abalingisi, abahleli kanye nawo wonke umuntu odlala indima kulomkhakha kanye uqanjwe ngegama lengqalabutho yezamafilimu eyaduma umhlaba wonke.

Kulo nyaka belinyuke kakhulu iqophelo njengoba ubuhanjelwe ubuhanjelwe izicukuthwane ezahlukahlukeni okubalwa kuzo abalingisi abaqavile abebevela emazweni iGhana, Kenya nase Nigeria.

Kulomcimbi akugcinanga nje ngokuklonyeliswa laba abakade beqhudelana ezigabeni ezithize kukhona nalabo abebhehlonishelwa iqhaza labo okubalwa kubo uDokotela Abdullal Ibrahim, uMnuz Junaid Ahmed, uDkt Lwazi Manzi kanye noDkt Mikhail Peppas.

Kanti kwaphinde kwaklonyeliswa nosaziwayo kwezikaqed' isizungu kubalwa kubo uNomzamo Mbatha, uSiyabonga Thwala, Andile Mxakaza bonke abalingisa kwiSibaya.

Ekhuluma kulo mcimbi, uNgqongqoshe weZokuthuthukiswa koMnotho, ezokuVakasha nokoNgiwa

UMnu SIHLE ZIKALALA

UNGGONGQOSHE WEZOKUTHUTHUKISWA, KOMNOTHO
EZOKUVAKASHA NOKONGIWA KWEMVELO KWAZULU-NATAL



BACHONYWE UPHAPHE LEGWALAGWALA ABADIDIYELI NABALINGISI BAKWAZULU-NATAL

kweMvelo uMnuz Sihle Zikalala washayela ihlombe ukukhula ngesivini kwemiklomelo yeSimon Mabhunu Sabela wathi kufakazela ubukhona kobuciko esifundazweni saKwaZulu-Natal. “

Le miklomelo ilokhu iqhubeka njalo nokukhula kanti kulonyaka sibambisane namanye amazwe asethuthukile kwezokukhiqizwa kwezamafilimu afana neNigeria, okuyizwe eselidume ngeNollywood ngenxa yemboni yalo

yezamafilimu.” Waqhuba wathi inhloso kahulumeni waKwaZulu-Natali ukwakha imboni yezamafilimu esezingeni lo mhlaba ukuze kudaleke amathuba emsebenzi kusimame nezokuvakasha.

“Isifundazwe sethu kade saqala ukunqenqeleza phambili kwezikaqeda isizungu njengoba sesikhiqize inqwaba yabalingisi, manje sifuna ukuthi kuqoshelwe kuso amafilimu njengoba sesiqalile

UNggongqoshe
uSihle Zikalala ethula
indondo emcimbini
iSimon Mabhunu
Sabela Awards



nje kushuthelwa kuso imidlalo efana noZalo oludlalelwa elokishini laKwaMashu,” kusho uZikalala. IKZN Film Commission inezinhlelo eziningi zokuthuthukisa ikakhulukazi intsha nabesifazane

abamnyama ukuze basimame emkhakheni yabo kubalwa ukubaqeqesha ekubhalweni kwamafilimu, ukudidiyela kanjalo nokusebenzisa aakhamera okushutha amafilimu.

BEKUPHUME NESINEDOLO EMJAHWENI WOKUKHUMBULA ULUTHULI

Lo mjaho uhulumeni uzimisele ukuwubeka ezingeni le-Mandela Marathon egijinywa eMgungundlovu nesinganelwa abantu abangaphezu kwezi nkulungwane ezilishumi nesiyaziwa umhlaba wonke.

ANDILE KHOZA NO SPHAMANDLA NDABA

LIBE likhulu isasasa emjahweni wokukhulumbula owangumengameli kaKhongolose owaphinde wahlonishwa ngendondo yokwedala uxolo iNobel Peace Prize, iNkosi u-Albert Luthuli.

OkaMadlanduna wadlula emhlabeni ngaphansi kwezimo ezingaqondakali emva kokuthi kubikwe ukuthi washayiswa isitimela eGroutville eminyakeni engamashumi amahlanu edlule.

Ukubungaza impilo yaleliqhawe, amakhulu ngamakhulu abasubathi abavela KwaZulu-Natali yonkana nakwezinye izifundazwe bahlanganyele eGroutville nokuyilapho beqhudelane khona kulomjaho owazungenza iGroutville.

Abasubathi balandela izinyathelo zokugcina zeNkosi uLuthuli kwazise bagijima badlula lapho inkosi yakhothamela khona.

Lo mjaho wawuhlelwe ngokubambisana phakathi kukaMasipala wesifunda lIembe, kanye nezinye izinhlaka zikahulumeni kanti wandulelwa imigubho yokuhlonipha leliqhawe eyadonsa iviki lonke neyayihanjelwe ngisho

nawuMengameli wezwe uMnuz Jacob Zuma.

Ephawula ngokubaluleka kokukhumbula Inkosi u-Albert Luthuli, uNgqongqoshe wezokuThuthukiswa koMnotho, ezokuvakasha nokoNgiwa kweMvelo KwaZulu Natal uMnuz Sihle Zikalala wathi njengomnyango owengamele ezokuvakasha kulesisifundazwe bazimisele ngokuqinisekisa ukuthi lomjaho uba minyaka yonke.

“Silindele ukuthi lo mjaho uthuthuke nokuyosimamisa ezokuvakasha kulesisifunda saseLembe ngoba baningi abasubathi abazowungenela lomjaho; abanye bazofika nemindeni yabo ngenhloso yokuzobeseka kanti ngokwenza njalo ezokuvakasha kulesisifunda ziyothuthuka.”

Uqhube wathi lo mjaho uhulumeni uzimisele ukuwubeka ezingeni le-Mandela Marathon egijinywa eMgungundlovu nesinganelwa abantu abangaphezu kwezi nkulungwane ezilishumi nesiyaziwa umhlaba wonke.

Lo mjaho wawungenelwe yibo bonke abantu kusuka kodado kuya

ngisho nakwizaguga ezinedolo ezathola ithuba lokuzelulela amathambo kulomjaho nokuyinto uZikalala ayishayela elikhulu ihlombe.

Okwafike kwajabulisa abasubathi kakhulu ukubona umndeni kaMnuz Albert Luthuli uyingxeny yalomcimbi kubalwa nendodakazi yakhe umnunzane Luthuli uNksz Thandeka Luthuli-Gcabashe.

“OkaMadlanduna wadlula emhlabeni ngaphansi kwezimo ezingaqondakali emva kokuthi kubikwe ukuthi washayiswa isitimela eGroutville eminyakeni engamashumi amahlanu edlule.”



Inkosi u-Albert Luthuli.

JABU NDLOVU

ABANTU abadala kumele basondezelelwe imithi yokwelapha izifo ezibahluphayo ezindaweni eziseduzane nomphakathi ezifana nezinkulisa kanye namasonto.

Lokhu kuvele emcimbini obuhanjelwe uNgqongqoshe wezokuThuthukiswa koMphakathi, uNkosikazi Weziwe Thusi, obuseMlazi kwa C, ku Wadi 81, ezinkundleni zemidlalo zesikole iSikhumbuzo Primary School.

Kulomcimbi uMnyango ubuyingxenywe ebalulekile kakhulu yohlelo lukaHulumeni wesifundazwe, olwaziwa nge Operation Sukuma Sakhe (OSS). Izaguga zitshele uNgqongqoshe uThusi ukuthi kuyinkinga kuzona ukuthola amaphilisi okwelapha izifo ezibaphathayo, kanti futhi imitholampilo igcwala kakhulu futhi ikude namakhaya abo.

Abantu abadala bathe kuba nzima kubona ngoba kumele bavuke entathakusa noma ekuseni kakhulu baze babuye seliyoshona ilanga. UNgqongqoshe uThusi uthethe: "Kuzomele kube khona uhlelo lokubasondezela amaphilisi bawathole ezinkulisa abasondelene nazo noma emaSontweni.

"Futhi kulabo abanezinkinga nokubhalisela impesheni, ithimba engihamba nalo lakwaSouth African Social Security Agency (Sassa) lizobasiza," kusho uNgqongqoshe uThusi.

UNgqongqoshe uThusi ulethe intokozo enkulu kubantwana besikole abantulayo adlulisele kubona iziphondo zikaHulumeni wabantu njengoba elokhu eqhubekile nokubaxhasa ngemifaniso yezikole.

UNgqongqoshe uThusi ukuqinisekisa ukuthi konke lokhu abantu abakhale ngakho kulomcimbi kuzothathelwa izinyathelo ezifanele, futhi amakomidi omphakathi alandelele kwizikalazo zomphakathi, kusetshenziswane ngokubambisana. "Sizowuhambisa umbiko



OGOGO NOMKHULU ABAYITHOLE EZINKULISA NASEMASONTWENI IMITHI YOKUBELAPHA



UNgqongqoshe wezokuThuthukiswa koMphakathi KwaZulu-Natali, uNkosikazi Weziwe Thusi, ekhuluma namalunga omphakathi ngesikhathi ehambela eMlazi.

ngokushiwo kulomcimbi kusodolobha waseThekwini nasemiNyangweni ehluhlukeno kuthathwe izinyathelo ezifanele ngokushiwo abantu.

"Sizocela kube khona umhlango omphakathini lapho kuzobe kukhulunywa nentsha nje ngazo zonke izinhlelo ezikhona ezisizayo kubafundi nabangasebenzi

njengokucijwa ngamakhono kanye neminingwane yezokuthuthukiswa kwamabhezini ukuze intsha izokwazi ukuthola lonke ulwazi mayelana

namabhezini," kusho uNgqongqoshe uThusi.

Njengoba noMnyango obhekene nezemidlalo ubukhona, ubuholi bukaHulumeni buthembisile ukuthi kuzoba khona iminyakazo mayelana nezemidlalo omphakathini.

Abantu bancomile kakhulu ngenantsho uHulumeni abathethela yona omphakathini, kwabalwa izindlu zemixhaso, izindlu zangasese, amanzi ahlanzekile, ugesi nemigwaqo, noma kubekhona ukukhononda ngemali abayikhokhiswayo ukuthola amanzi, kanye nokuhamba kukagesi, okwenza kufe izinto ezisebenza ngogesi ezindlini, ikakhulukazi uma ukokoteliwe noma ufakwe ngokungekho emthethweni.

Kubekhona nabakhale ngokuthi izindlu zabo zemixhaso ziyawa futhi zincane, imindenani yabo ayaneli, bakhononda ngokungaphephi kwemigwaqo engamajika, ukusetshenziswa kwezidakamizwa nokuntuleka kwemisebenzi entsheni, ababhekene nezinkinga zokubhalisela impesheni, ukushoda kwezinhlelo ezifundisa intsha kanye nezindawo zokuzilolonga.

Kuphinde kwavela nokuthi omphakathini kusekhona abantu abasasaba nabangafuni ukuhlolola isandulela ngculazi, kanti lokhu kubasebenzisa kanzima onompilo bewadi ekubasizeni ngokwesimo sempilo.

"Kulabo abanezinkinga nokubhalisela impesheni, ithimba engihamba nalo lakwaSouth African Social Security Agency (Sassa) lizobasiza."

Ukhukhulelangoqo ne-COSAS ukuhambisa izikhalo ngobugebengu nezidakamizwa eMlazi

SINENHLANHLA NENE NO HLENGIWE BLOSE

IBESASASA imashi ebihlelwe uMnyango WezokuThuthukiswa koMphakathi kanye nenhlango yezingane zesikole, i-Congress of South African Students (COSAS), ebiseMlazi, ebiholwa uNgqongqoshe

wezokuThuthukiswa koMphakathi, uNkosikazi Weziwe Thusi.

Lemashi isukele epaki iZinto Cele, esigcemeni sakwa-D eMlazi, yaphelela esiteshini samaphoyisa e-GG, khona kuleli lokishi.

Ekhuluma nezinkumbi zabantu abebeyingxenywe yalemashi, uNgqongqoshe uThusi uthethe:

"Namhlanje sizothi omphakathi waseMlazi asibambisane silwisane nobugebengu obusihaqile endaweni yethu. Izingane zethu ziphelile izidakamizwa. Uma uzidla noma uzidayisa, sithi: 'Kuphelile ngawe! Sesifikile!' UNgqongqoshe uThusi uqhube wathi: "Njengoba sihlalange lapha sizokhombisa ukuba yimbumba, sizobambisana

siwumphakathi noHulumeni ngoba zonke lezi zinkinga esibhekana nazo siwumphakathi ziyimbangela yezidakamizwa. "Abekho abantu abaphilile emakhanda abangenza zonke lezi zinto esizifunda emaphapheni zonke izinsuku. Izidakamizwa zilibulele izwe.

"Sezizingi izigameko ezibikwe eMnyangweni zokuhlukunyezwa komama kanye nezingane. Sizothi phansi ngokuhlukunyezwa kwabantu besifazane nezingane. Sizothi phansi ngothisha abajola nezingane zesikole! Phansi nangabafundi abajola nothisha besikole! Phambili nemfundo!"

Abafundi bezikole ezahlukene eMlazi, uMnyango wezokuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi, uMnyango wezeMfundo kanye namalunga omphakathi babe yingxenywe eqavile yalemashi. Sekufikwe esiteshini sasemaphoyiseni aseMlazi, i-Congress of South African

Students (Cosas) ibe seyethula uhla lwezikhalo kubaphathi bamaphoyisa esiteshi.

Loluha lubalule izikalazo ezilandelayo: izigulo zomphakathi ezihlasele umphakathi, izingozi ezihlasimulisa umzimba omphakathini, inkinga yezidakamizwa kanye nokuhlukunyezwa kwabantu besifazane kanye nezingane.

Lolu luhla lwezikalazo lube selamukelwa umphathi wamaphoyisa alesi siteshi, uBrigadier Bongi Ntuli, othembe ukuthi lezi zikhalo uzozihambisa enhlokoHhovi yesiFunda.

Uthe okubalule kuloluha kuzobe sekucutshungulwa bese bebuyisa izimpindulo engakapheli amasonto amabili.

Uphinde waqinisekisa omphakathi ukuthi amaphoyisa asevele asezikumele futhi aphezu kwazo ezinye zezikhalo ezibaluliwe, kodwa umbiko



UNgqongqoshe wezokuThuthukiswa koMphakathi KwaZulu-Natali, uNkosikazi Weziwe Thusi, emashini eMlazi.

ogcwele uzowethula uma eselethe izimpindulo. Lokhu kwenzeka ezithendeni zengqungquthela yesiFundazwe ebibanjwe uMnyango wezokuThuthukiswa koMphakathi ebiseThekwini muva nje, lapho kade kudingidwa ngenselelo yokulwisana nokusetshenziswa kwezidakamizwa okweqile kanye nophuzo oludlangile kulesi

siFundazwe. Kulengqungquthela bekuhlangene abafundi, iminyango eyahlukene kaHulumeni, abamele abaphenyi nabacwaningi bamaNyuvesi, izinkampani ezikhiqiza utshwala, izinhlangano ezingenzi nzuzo ezilwisana nokusetshenziswa kwezidakamizwa omphakathini, kanye namalunga omphakathi.

DKT SIBONGISENI DHLOMO

SIBINDI senza umsebenzi omkhulu emzimbeni womuntu. Kodwa ngenxa yokuthi abantu abawuqondisi umsebenzi waso, baningi abangasinakekeli – nokugcina sekuholela ezinkingeni zezempilo.

Ngomhla-ka 28 kwephezulu (uNtulikazi), umhlaba uzobe uqwashisa ngesifo esihlasela kakhulu isibindi kodwa abanengi abangasazi, i-Hepatitis

Ukuthuthukisa ulwazi lomphakathi ngezifo ezifana ne-Hepatitis kungasiza abantu bathathe izinqumo eziphusile mayelana nezimpilo zabo.

Lokhu kungehlisa nengcindezi yomthamo wezifo esibhekene nazo, okuyinto edla isabelo-zimali esivele singanele, nokwenza umsebenzi wokulwa nokubhehetheka kwezifo ube nzima.

Igama elithi hepatitis lichaza ukuvuvukala kwesibindi, kanti lesi sifo sihlukene kaningi njengoba kukhona izinhlobo zayo ezinhlanu, i-Hepatitis A, B, C, D, no-E.

Lapha eNingizimu Afrika, amagciwane ajwayele ukuhlalala isibindi yi-hepatitis A, B no-C.

Isibindi isitho esinomsebenzi omkhulu emzimbeni nasekuphileni kwethu. Phakathi kwezinto ezibalulekile ezenziwa yisibindi singabala loku:

- Senza izakhamzimba (proteins) ezisiza ukwenza okudingeka ukuvikela ukopha kakhulu uma ulimele (Blood clotting factors), ukuvuvukala komzimba (Albumin);
- Isibindi senza uketshezi lwenyongo esiludlagayo ukulungisa ukudla okungamafutha;
- Senza ushukela ube sesimweni esifanelekile egazini uma ungalanga (converts glucose to glycogen)
- Siqoqa imfucuzo ephenduka ibe ukufa uma izinga layo likhuphuka egazini, njengalokho esikubiza nge-ammonia;

UDKT SIBONGISENI DHLOMO

UNGQONGQOSHE WEZEMPILO KWAZULU-NATAL



NAKEKELA ISIBINDI SAKHO NGOKUVIKELA I-HEPATITIS

- Sisiza ukuqoqa nokuhlela imithi, amakhambi, utshwala nezinye izinto ezingaba nobungozi egazini ezifakwa abantu emzimbeni;
- Isibindi sigcina nokuningi okubalulekile ekuqiniseni amathambo (Vitamin D), ukwenza amehlo abone kahle (Vitamin A) nokunye okuningi esikudingayo.

Kusemqoka-ke ukuthi sisinakekele isibindi ukuze naso sikwazi ukunakelela impilo yethu. I-Hepatitis yenziwa ukuvuvukala kwesibindi.

Kuningana okulimaza isibindi, kusenze sivuvukale noma silimale singaphinde siphole sibuyele endaweni yaso (phelezi scarring and fibrosis).

I-Hepatitis ingadalwa yilokhu:

- Ukuphuza utshwala okweqile;
- Amagciwane abizwa ngo Hepatitis A, Hepatitis B, Hepatitis C, Hepatitis D and E.
- Imithi, amaphilisi, izimbiza zesintu

ezingacwaningwanga kahle noma ezisetshenziswe ngokweqile.

Umpakathi uyexwayiswa nangobungozi bokusebenzisa imithi ethengwa ezitolo ngokweqile ngaphandle kokunikwa imiyalelo abezempilo. Ukugwema lokhu kubalulekile ukuze izandla uma ubuya endlini yangasese, noma ngaphambi kokudla, noma uzolungisa ukudla.

Kuyasiza nokuthi amanzi akhiwa emfuleni okungase kube adibene nendle aqale abilise ngaphambi kokusetshenziswa.

Izinkalakala ezidliwayo zasolwandle (njednge-crayfish) kudingeka zigezwe kahle ziphekwe phambi kokuba zidliwe.

Ungawuthola umjovo wokuvikela i-Hepatitis A. I-Hepatitis B yona itholakala ngendlela efana ncamashi nendlela okutholakala ngayo igciwane lesandulela ngulazi (HIV). Kodwa igciwane le-Hepatitis

B liyingozi ukwedlula ele-HIV ngoba lona alidingi ukuthi uze uhlangele negazi eliningi futhi igciwane le-Hepatitis lihlala liphila; ungatheleleka emva kweminyaka ngokuthintana nje negazi elomile elinayo. I-Hepatitis B kungenzeka igcine iwukugula okusamkhuhlane, kodwa kuyenzeka abanye abantu ibagulise kakhulu, ilimaze isibindi singaphinde silunge.

Abanye abantu abathola igciwane le-Hepatitis B bahlala benalo egazini, futhi bangalidlulisela kwabanye ngendlela efana ncamashi nokuthelana nge-HIV.

I-Hepatitis B ingenye yezandulela zomdlavuzo wesibindi.

Ukuzivikela kulesi sifo kufanele siqaphe ukuthintana igazi, nokusakeshezi (fluids) okuphuma komunye umuntu, sisebenzise ijazi lomkhenyana (condom) uma siya ocansini; sigweme umkhuba

wokusebenzisa izidakamizwa nokujovwa kwabantu abanengi ngenaliti eyodwa.

Ngenxa yobungozi be-Hepatitis, uHulumeni unohlelo lokuvikela izingane emitholampilo.

Yingakho kubalulekile ukuthi silulandele kahle uhlelo lokugonywa kwabantwana (immunization programme) olutholakala mahala emitholampilo kaHulumeni.

I-Hepatitis C iyafana ne-Hepatitis B kodwa yona inobungozi obukhulu ukudlula i-Hepatitis B ngoba kujwayelekile ukuthi isilimaze kakhulu isibindi nokuthelana kwayo kulula ukwedlula i-Hepatitis B.

Ukuzivikela kwi-Hepatitis C kuyafana nokugwema i-Hepatitis B, kodwa okwamanje awukabikho umjovo wokuyivikela.

I-Hepatitis D iyafana ne-Hepatitis B, kodwa yona unyathelana kuphela uma usugula uphethwe i-Hepatitis B.

I-Hepatitis D itholakala kakhulu ngemijovo yezidakamizwa.

I-Hepatitis E icishe ifane ne-Hepatitis A ngoba nayo uyithola ngokudla noma ukuphuza amanzi anegciwane le-Hepatitis E. Okwamanje awukho umjovo wokuyivimbela.

Emkhankasweni wokulwa nokubhehetheka kwe-Hepatitis, uHulumeni unalezi zinhlelo:

- Ukugqugquzela ukuqezwa kwezandla;
- Ukugonywa kwezingane (immunization);
- Ukuqwashisa ngobungozi bokusetshenziswa kwezidakamizwa;
- Ukufundisa abantu ngobungozi nezinkinga zokuphuza ngokweqile.

Ngokuvikela izibindi zethu singavimbela ezinye izifo ezibulalayo njengomdlavuzo, ukungaboni, izifo zamathambo, ukuvuvukala nokugcwala kwamanzi esiswini, nokopha ngokweqile uma ulimele nokunye okuningi.

NCELISA UMTWANA WAKHO UBISI LWEBELE BESE EZUZA IMPILO

Ukusabela kulelikhwelo uMnyango wezeMpilo KwaZulu-Natal uzoqhuba umkhankaso wokugqugquzela ukuncelisa ubisi lwebele njengoba kuyiviki lokuncelisa ibele.

UNgqongqoshe wezeMpilo KwaZulu-Natal uDkt. Sibongiseni Dhlomo unxusa bonke oMama esifundazweni ukuba bancelise izingane zabo ubisi lwebele ukuze zizozuza impilo ngokuthola ukudla okunomsoco.

Njengoba kubungazwa iviki lobisi lwebele i-World Breastfeeding Week umhlaba wonke kusukela ngomhla-ka 01 – 07 kuNcwaba (August) 2017, UNgqongqoshe uDhlomo uthi ukuncelisa ingane ibele akuyona into yesikhashana efana nokuvikela isifo sohudo, ukungondleki kanye nokushona kwezingane, kepha kungakhuphula izinga lokuhlakanipha kuphinde futhi kuvikele izingane kwizifo ezifana nesifo sikashukela kanye nokukhuluphala ngokweqile.

“OMama abancelisa ubisi lwebele nabo bayazuza ngoba ukuncelisa ibele kuyabasiza ekutheni behlise isisindo njengoba besuke bekhuluphele ngesikhathi besakhulelwe, kanti kuphinde kunciphise amathuba okuphathwa

isifo somdlavuzo webele.” echaza uNgqongqoshe. uDhlomo uthi ukwesekwa kokuncelisa ngebele ekhaya, emsebenzini kanye nasezindaweni zomphakathi kuyasiza ukwandisa isibalo sabesifazane abancelisa izingane zabo.

Ukusabela kulelikhwelo uMnyango wezeMpilo KwaZulu-Natal uzoqhuba umkhankaso wokugqugquzela ukuncelisa ubisi lwebele njengoba kuyiviki lokuncelisa ibele.

Lomkankaso uhlanganisa izinhlelo ezahlukene okuhlanganisa ngolwazi lapho kuzobhekisiswa ukuthi Indlela yokuncelisa Inzuzo yokuncelisa ibele kanjalo nokuthi, kunganikelwa kanjani ngobisi lwebele kulezozibhedlela zikaHulumeni okugcinwa khona ubisi lwebele.

Izithangami ezizobanjwa zizophinde zibhunge ngezindaba eziphathelene nesandulela ngulazi negciwane laso kanye

nemikhankaso yokuncelisa ngebele kanti lezithangami zizokuba sezikhungweni zezeMpilo isifundazwe sonke.

Kulezi thangami abasebenzi kanye nabaqashi bazonxuswa ukuba bagqugquzele abesifazane abanezingane ukuba bancelise izingane ibele, ngokuthi babanikeze ukwesekwa abakudingayo.

Bangatshengisa ukubeseka ngokuthi benze lokhu okulandelayo: Bahambisane nemithetho kaHulumeni ephathelene nokuya ekhefini lokubeletha.

Bavumele oMama abancelisayo ukuba bakhame ubisi, Babeke imithetho ecacile kuhla lwemithetho yokuziphatha emsebenzini ecacisa imigudu ezolandelwa uma kukhona abakhuluma amagama ambi ngokuncelisa. Kuzobuyele kunxuswe abekhenyane ukuba besuke baphinde belekelele ekhaya ukuze oMama bezokwazi ukuba nesikhathi esanele



sokuncelisa ingane. Kugcizezelwa ukubambisana ekhaya kanye nasemphakathini jikelele, kusho uNgqongqoshe Dhlomo, “Kunesisho esithi ngesiZulu, ‘Umuntu ungumuntu ngabantu’

nokuchaza ukuthi umuntu nomuntu uthembele komunye. Ukuze sibe nesiko lokuthi ukuncelisa yinto efanele nokufanele iqhakanjiswa, kumele sonke sisekele labo abancelisayo.”

MINENHLE NTOMBELA

Selidume ladlula kulabo abebefisa ukungenela umncintiswano womgijimo oba minyaka yonke ngenyanga kaAugust. Ikomidi elihlela lomjaho limemezele ukuthi ukungenela lo mjaho kulonyaka kovalwe ngezi 31 July.

Baneze ngokuthi likhule kakhulu isasasa kulonyaka njengoba sinyukile isibalo sabangenele lo mjaho. Lo mjaho wasungulwa ngonyaka ka 2012 kanti uzobe ungowesithupha kulonyaka.

Uyisikhumbuzo sodayenguMengameli kuleli uMnu Nelson Mandela nemisebenzi eyenza eNingizimu Afrika. Umjaho uqala elokishini laseMbal eMhlabathini uze uyophelela eHowick 'Capture Site' lapho kwabanjwa kwaboshwa khona uMnu Mandela.

Kulindleleke ukuba lo mjaho ukhulise umnotho wesifunda saseMgungundlovu kanye nesifundazwe jikelele iKwaZulu Natal njengoba kuzothelaka abagijimi abaningi abaqhamuka ezindaweni ezahlukene eNingizimu Afrika, nakwamanye amazwe angomakhelwane ase-Afrika kanye nabaqhamuka phesheya kwezilwandle.

Lokhu kufakazelwe uNgqongqoshe weZokubusa ngokuBambisana neZindaba Zomdabu, UMhlonishwa uNomusa Dube-Ncube uthi "Umjaho weMandela Day usiza lukhulu

**UNKk
NOMUSA
DUBE-NCUBE**

**UNGQONGQOSHE WEZOKUBUSA NGOKUBAMBISANA
NEZINDABA ZOBUHOLI BENDABUKO KWAZULU-NATAL**



**SEKUALIWE UKUBHALISELA
UMGIJIMO WEMANDELA DAY
MARATHON NONYAKA**

kumnotho waKwaZulu Natali njengoba ungaletshi abagijimi kuphela kodwa kuza nezivakashi ezizela ukuzothamela lo mjaho Kanye neminye okubalwa umjaho wamabhayisikili iMTB Dash, ITrail Running Kanye Trail Running." Kusho uDube-Ncube.

Umeya womkhandlu waseMgungundlovu uNkk Thobekile Maphumulo ukusekele lokhu obekushiwo nguNgqongqoshe Dube-Ncube.

Umhleli womjaho uMnu Johan Van Staden uzibongele kubo



Konke sekumo ngomumo mayelana nomjaho weMandela Day Marathon ozobe useMgungundlovu Mhlaka 26-27 August.

**UNgqongqoshe uNomusa Dube-Ncube unxenxe
oSomlomo boMasipala ukuthi banyuse amasokisi**

SIPHAMANDLA MBEWA

UNgqongqoshe woMnyango wezokuBusa ngokuBambisana neziNdaba zoMdabu uNomusa Dube-Ncube utshela oSomlomo bomasipala esiFundazweni ukuthi kumele baqinisekise ukuthi imihlangano yemikhandlu inganyelwa ngendlela enesithunzi nefanelekile. Lokhu uNgqongqoshe ukusho ngesikhathi ethula inkulumbo yakhe esithangamini soSomlomo babo bonke omasipala abangama – 54, abangaphansi kwesiFundazwe saKwaZulu-Natali endaweni yaseThekwini ngenyanga edule.

Isithangami soSomlomo, isihlanganisa bonke oSomlomo bomasipala ukuze babhunge ngakho konke okuthinta ukuhlolwa kwemisebenzi eyenziwa ngomasipala, imigomo yokuziphatha emikhandlweni kanye nokuthathwa kwezinqumo emikhandlweni. Ngesikhathi ethula inkulumbo uNgqongqoshe, wakubeka kwacaca koSomlomo ukuthi mabayeke ukuchema namaqembu abo uma bengamele izindaba zemikhandlu ngoba lokho kuholela ekutheni kube nokuxokozela.

"NjengoMnyango sikhathazekile kakhulu ngokuthi noma amakhansela eseqoqeda isikhathi esingangonyaka emsebenzini kepha kunemikhandlu yomasipala esagcwele ukuxokozela kanye nenamakhansela angahlali emihlanganweni yemikhandlu. Siphinde sifunde emaphephandabeni nangamakhansela ahluleka



UNgqongqoshe woMnyango wezokuBusa ngokuBambisana kanye neziNdaba zoMdabu, uNomusa Dube-Ncube ukhuthaze oSomlomo boMasipala ukuba benze imisebenzi yabo ngobuqotho. Isithombe: MANDLA MKHIZE

ukukhokha imali ayikwelela omasipala asebenza kubo kanye nalawo aziphatha ngendlela edicilela phansi izikhundla asuke ekuzo kanye nomasipala abaholayo, kepha uthola ukuthi awabikhona amakhansela aqondiswa izigwegwe ngoSomlomo, okuyibo abanamandla okuqinisekisa ukuthi umthetho uyagcinwa kanye nokuthi uyalandelwa," kusho uDube-Ncube. "Uma oSomlomo bengenakho ukuqonda kabanzi ngendima ekumele bayidlale ngokomthetho olawula ukuphathwa koHulumeni baseKhaya, kusho ukuthi imikhandlu yomasipala abayingamele ngeke iphathwe ngendlela efanele.

Inkulu Indima edlalwa oSomlomo ekubhekeni ukuqhutshwa kwemisebenzi yomasipala, ekuphenduleni ngokusebenza

kwemikhandlu, ekubeni khona kobuqotho emikhandlweni, ekulandelweni kwemiyalo emikhandlweni kanye nase kuhlalani kwemihlangano enenqubekela phambili. Okunye okubalulekile kakhulu, ngendima edlalwa ngoSomlomo ukuhanjiswa ngendlela kohlelo lokuqondiswa kwezigwegwe," kusho uDube-Ncube. "Kubalulekile ukuthi ngezikhathi ezithize sibakhumbuze oSomlomo ngendima ekumele bayidlale emikhandlweni yomasipala. USomlomo nguyena ophatha ingalo yomthetho emikhandlweni kamasipala, kanti futhi kufanele uSomlomo aphinde aqinisekise ukuthi umkhandlu womasipala uyakwazi ukuhlola imisebenzi eyenziwa isigungu esiholwa nguMeya," kusho uDube-Ncube. "Ngikhuluma nje sibhekene nesimo lapho omasipala bethu bethola imiphumela yezimali

engemihle kuMchwani Mabhuku jikelele, lokhu kukhombisa ngokusobala ukuthi imikhandlu yomasipala kunemibuzo enzima ekufanele iyibhekise kwizigungu eziholwa ngoMeya. Sisanda kuphoqeleka ukufundela omasipala abahluleka ukugcwalisa izikhundla ezibalulekile iRiot Act, ngenhloso yokuthi bayithathele phezu indaba yokugcwaliswa kwezikhundla.

Uma kwenzeka konke lokhu komasipala ngike ngizibuze ukuthi kazi basuke bekephi oSomlomo ekufanele babuze imibuzo enqala ngokusuke kungahambi kahle," kusho uDube-Ncube. Ngokusho kukaNgqongqoshe oSomlomo kufanele banyuse izinga lokuhlola indlela yokusebenza kwemikhandlu baphinde bafune nezimpendulo lapho kudingeka khona.

Akufanele ukuthi nisabe ukubuza iziMeya imibuzo enzima ngenxa yokuthi niqhamuka eqenjini elilodwa lezepolitiki. "Ningabhunga ngezindaba ezithinta amaqembu enu uma nikumakhokhasi, kepha uma nisemikhandlweni kufanele nibhekane nezindaba ezithinta imikhandlu kuphela.

Lendlela yiyo kuphela oHulumeni baseKhaya abanganyukela ngayo ezingeni elilandelayo," kusho uDube-Ncube. Umphathiswa waphinde wanxena oSomlomo ukuthi baqikelele ukuthi emikhandlweni zibakhona izinhlelo zokuqondisa izigwegwe kanye nezokubheka ukuziphatha kanye nokusebenza kwawo. Ngokusho kukaMphathiswa oSomlomo

bonke abagijimi abangenelele lomjaho kulo nyaka. "Sibonga bonke abangenele lo mjaho ngesikhathi, njengoba kukumjaho ohambisa neqhawe elalwela inkululeko yawo wonke umuntu,

Lokhu kuzosisiza isikhathi esanele ukuhlela konke. Sithembisa abagijimi nabalandeli ukuba konke kumi ngomumo," kubeka uVan Staden.

Wengeze ngokuthi umjaho walonyaka uhambisana nomyalezo othi "RUN4Unity" njengoba kwakuyisifiso sikaMadiba ukuba isizwe sibe nokuthula,uzwano nokubambisana.

Lo mjaho uzoba ngezi 27 August uzokwandulelwa ngeminye imijaho ebanjwa ngezi26 okubalwa umgijimo wezingane njengoba uTata wayaziwa ngokuthanda izingane kanti futhi ulekelela iNelson Mandela Foundation.

kufanele babike emkhandlweni njalo ekupheleni konyaka ngokuziphatha kanye nokusebenza kwamakhansela.

Ukuhluleka koSomlomo ukuqikelela ukuthi imigomo yokuziphatha iyalandelwa kujwayelele ukuholela ekutheni amakhansela akhohlwe ukuziphatha ngendlela efanele."

"OSomlomo kufanele kube yibo ababumba amakomidi noma izinhlelo zokuhlola imisebenzi eyenziwa ngomasipala ngokuhambisana nomthetho womasipala ongamele ukuphathwa kwezimali ngamafuphi iFinancial Management Act. USomlomo kufanele aqinisekise ukuthi ikomidi lisebenza ngokuphelele kanye nokuthi libe nazo zonke izimfanelo ukuze lenze umsebenzi walo ngendlela efanele.

Awukho umasipala ongasebenza ngendlela efanele ngaphandle kwamakomidi ahlola imisebenzi eyenziwayo komasipala," kusho uDube-Ncube.

Esephetha ngenkulumbo yakhe uNgqongqoshe, wenza isicelo sokuthi oSomlomo baqinisekise ukuthi omasipala baba nezinhlelo ezikhuthaza ukuthi imiphakathi idlale iqhaza ekuthathweni kwezinqumo komasipala baphinde futhi bathuthukise izindlela eziqinisekisa ukuthi imiphakathi ibamba iqhaza ezinqumweni ezithathwa komasipala.

Ngokusho kukaDube-Ncube, ukubamba iqhaza kwemiphakathi kugcwalisela ekuhlonishweni kwentando yeningi.



NHLAKANIPHO BUTHELEZI

UNgqongqoshe wezeziMali KwaZulu-Natal, uNkk Belinda Scott, unikele ngenqwaba yezimpahla enkulisa yabantwana abavela emakhaya antulayo eCool Air kuMasipala uMshwathi.

Lesi senzo besiyimpindulo yesicelo ezenziwa ngabaphathi bale nkulisa nyakenye ngesikhathi uScott ehambele kule ndawo ngaphansi kohlelo lukahulumeni i-Operation Sukuma Sakhe.

Iziphathimandla zabikela ungqongqoshe ukuthi abantu abaningi kule ndawo kabasebenzi kanti abazali bezingane esincane abanayo imali yokukhokha uma beziyise enkulisa bacela uScott alekelele ukuze izikhungo sikwazi ukusiza umphakathi.

Babala uhla lwezinto abazidongayo kubalwa ifriji, isitofu, amabhodwe, izingubo zokulala, umatilasi, kanye nezinye izinsiza ezibalulekile.

UScott ugaleleke kule ndawo kwabonakala kuleli sonto lapho afike khona eqiqingile ezonikela ngosizo oluzozuzisa umphakathi wakule ndawo.

Ufike ehamba noMphathi weFutureLife Foundation Trust,

UNKK BELINDA SCOTT

UNGQONGQOSHE WEZEZIMALI KWAZULU-NATAL



UNKK BELINDA SCOTT UNIKELE NGEZINDODLA ZEZINSIZA ENKULISA EMSHWATHI

uNkk. Julika Falcorner, naye onikele ngokudla okunomsoco ukuze alekelele abantwana ukuthi bathole umsoso abawudingayo egazini uma bekhula.

Umphathi wenkulisa uNkosikazi Nomusa Thusi bekuqhilika izihlathi injabulo ngenxa yeziphazatholile

kuNkk Scott nokugcineka kwezethembiso ayezenzile zokulekelela onyakeni ophelile.

Uphinde wabonga wanconcoza uNkososikazi Thusi ngokumuphulukisa ezinkingeni abenazo ngoba ubebamba zidindi ziphunyaka entula usizo. Uphinde

wabonga kakhulu kungqongqoshe wathi uswele imilomo yokubonga kukokonke abamenzele kona.

“Lokhu sikwenza ukulekelela imiphakathi yethu ukuthi ikwazi ukukhulisa izingane zethu ngaphansi kwezimo ezingcono. Sifuna ukulekelela, ikakhulukazi

kulesi sigaba ngoba yisigaba esibaluleke kakhulu empilweni yokukhula komntwana,” kusho uScott.

UNgqongqoshe ube esevakashela endaweni eyimijondolo kwaJoe, lapho efike khona walalela futhi waxoxisana nomphakathi ngezinkinga abhekene nazo okubalwa kuzo ukwentuleka kukagesi, kanye nokuntuleka kwamanzi.

UNkk Scott kanye nethimba lakhe babe selimukelisa ngezinguubo zokulalala ezingamakhulu amathathu namashumi amahlanu ukuze umphakathi uthokomale njengoba kuwubusika.

UNgqongqoshe ube esethi kuwumsebenzi wabo nokuqinisekisa ekuthuthukiseni le ndawo.

Ube esevakashela inkulisa bantwana futhi yakule ndawo ebizwa ngeZamokuhle.

Eselapho futhi ube esenikela ngezinguubo zokulala ezingamashumi amane wabe esefuna ukuthola nolwazi lokuthi kuqhubeka kanjani esikoleni kanye nezidingo zaso nokuthi bayaluthola yini usizo ngabangenako.

UNkk Scott uphinde wabuyele kule Lwesihlanu, esezoxoxisana nomphakathi ngokuthi yini abangayenza njengohulumeni ukulungisa isimo sikhona.

OWEZEZIMALI UFUNA UKUPHUCULA INDAWO YAKWA JIKA JOE

Ngifuna lezi zingane zibuyele esikoleni ziyoqedela umatikuletsheni, ukuze zikwazi ukuguqula izimpilo zazo, zibe nekusasa elingcono,” kuchaza uScott.

UNGQONGQOSHE wezeziMali KwaZulu-Natal uNkk. Belinda Scott uzibophezele ukwakhela indawo yakaJoe inkulisa njengoba inezingane eziningi ezihlala emakhaya ngenxa yezinga eliphezulu lobubha.

UNgq. Scott, onguShampeni ngokwepolitiki obhekenelele isifunda uMgungundlovu, uvakashele le mijondolo amahlandla amabili ngesonto eledlule, ngenxa yokuzozibonela mathupha ngesimo senhlalo lo mphakathi obhekene naso kanye nokuzozwa izidingo zawo.

UNgqongqoshe wezezimali ubehambisana nesekele lomphathidolobha eMsunduzi, uKhansela Thobani Zuma, izikhulu eziphuma eMnyangweni wezeMfundo, owezokuThuthukiswa koMphakathi kanye nowezeMpilo. Bangene phakathi kule ndawo bechusha imijondolo, behamba bebhaka ukuthi bangangenelela kuphi nokuthi yiziphi izinkinga ezinkulu neziphuthumayo umphakathi obhekene nazo.

“Abahlali bakhale kakhulu ngezidingo zezindlu - okuyinto oyibona usangena kule ndawo. Okunye okubonakalayo yizingane ezincane ezintanta yonke indawo.

Ngiphatheke kabi kakhulu ngabona isidingo esikhulu sokwakha inkulisa esezingeni elifanele yokugcina izingane kule

ndawo. Ngifuna ukuqinisekisa ukuthi le ndawo yakhelwa inkulisa esesimweni esifanele lapho lezi zingane zizokwazi ukuthola ukunakekelwa khona,” kusho uScott.

Uphinde wakhala kakhulu ngezintambo zikagesi ezivulekile ezigcwele phansi okubeka izingane engozini enkulu.

Ubehamba nemiNyango kaHulumeni eyahlukene ukuze nayo izibonele isimo sakule ndawo, izizwele ngabahlali bese iyangenelela ngokuphuthuma lapho kudingeka khona ukuze kuguquleke isimo senhlalo kule mijondolo.

Okunye okukhathaze kakhulu ungqongqoshe yisibalo esiphezulu sentsha eshiye esikoleni ingaliphothulanga ibanga lika matikuletsheni.

“Ngifuna lezi zingane zibuyele esikoleni ziyoqedela umatikuletsheni, ukuze zikwazi ukuguqula izimpilo zazo, zibe nekusasa elingcono,” kuchaza uScott.

Ube senikela ngamabhokisi anokudla okunomsoco iFutureLife angama 20 enkulisa iZamimpilo Crèche ekule mijondolo.

“Sifuna zonke izingane ezihlala kule ndawo zithole ukunakekeleka okufanele,” kusho uScott.



UNgqongqoshe wezeZimali KwaZulu-Natal uNkk. Belinda Scott nanye yezingane zakwa Joe athembise ukuzakhela inkulisa isesimeni esifanele. **Izithombe: NHLAKANIPHO BUTHELEZI**

NOSIPHO NTOMBELA

UNgqongqoshe Wezobuciko, Amasiko, Ezemidlalo Nokungcebeleka esiFundazweni saKwaZulu-Natali uNkk Bongive Sithole-Moloi uhambise phambili ukubaluleka kokusebenza ngokubambisana ngenkathi ekhuluma kuma- MEC's Service Excellence Awards, okungumcimbi wokuklomeleka abasebenzi abasebenze ngokuvelele eMnyangweni Wezobuciko Namasiko kanye nalowo Wezemidlalo Nokungcebeleka, obubanjelwe eCity Hall, eMnambithi (Ladysmith, ngoLwesihlanu oludlule Inhlalo yalo mcimbi bekuyithuba likaNgqongqoshe lokuklomeleka futhi abonge labo abasebenza ngokuvelele.

UNgqongqoshe utuse waphinde wakuqhakambisa ukuthi izindondo zininikwe labasebenzi abaqinisekisa ukuthi umsebenzi abawunikiwe uyenzeka, futhi uba impumelelo.

Uncome lezi zingqwele ngokuthi zizibophezela ekuqhubezeni iNingizimu Afrika yonke.

Ekhuluma kulo mcimbi, uNgqongqoshe uMaSithole-Moloi uthethe: "Ukuncoma owenza kahle kuyamgqoguzela ukuthi enzisise angakhathali, ngoba usuke azi ukuthi imisebenzi yakhe emihle iyabonakala, kanjalo futhi naye uqobo ubalulekile.

Kuyaye kuphinde kwenzekile nokuthi awuthande umsebenzi wakhe."

"Emsebenzini ilapho okufanele kube mnandi khona ngoba ilapho sichitha isikhathi sethu esiningi.

Kodwa akubi mnandi emsebenzini uma singawenzi umsebenzi wethu.

Uma uwenza akubonakale ukuthi uyawenza, futhi uyawenzisisa," kusho uNgqongqoshe uMaSithole-Moloi.

Bekunemikhakha eqondene namahhovisi ahlukene, okwenze ukuthi kunikezwe izindondo ezivele kweziyi-15. Izindondo ezimbili ezihambe phambili kulo mcimbi ilezizibizwa nge- MEC's Special



UNKK BONGI SITHOLE-MOLOI

UNGQONGQOSHE WEZAMACIKO, AMASIKO, IMIDLALO NOKUNGCEBELEKA KWAZULU-NATAL

UNGQONGQOSHE UPHAKAMISE EYOKUHLONIPHANA NOKUBAMBISANA



uRichard Zondi omunye wabathole ukuhonishelwa ukuba isishoshovu sika Hulumeni iminyaka engama-30

Award ne- HOD's Special award. I-MEC's Special Award itholwe nguLungile Chili ongumthwebuli, kwathi i-HOD's award yatholwa uMthokozisi Shozi oyiSekela Mqondisi leZokulawulwa Kwezimo Eziyingcuphe kanye Nokucwangingwa Kwamabhuku. Ngaphezu kwalabo abenze kahle kuHlonishwe abasebenzi bakaHulumeni asebasebenze iminyaka engamashumi amabili nesebasebenze iminyaka engamashumi amathathu.



ULungile Chili emukela indondo yakhe kuNgqongqoshe

IZINSIZWA ZOMNYANGO WEZOBUCIKO NAMASIKO ZIVUSE INDLU NGEMANDELA DAY

STHEMBISO SHANGASE

UNgqongqoshe uNkk Bongive Sithole-Moloi noMkhandlu Wamadoda (Men's Forum) asebenza eMnyangweni Wezobuciko Namasiko KwaZulu-Natali bagubhe usuku iMandela Day ngokumba isiza ekhaya lwakwaSithole e Haladu eNquthu enyakatho yesifundazwe.

Lesisiza kuzokwakhiwa kuso indlu enamagumbi amane ukuvusa indlu eyayiw ngezimvula zangoMasingana kulomuzi.

Lendlu evuswayo yawela phezu kwezingane ezimbili zakulomuzi zashona ujuqu kwathi eyodwa yalimala kanzima yaze yaphunyelwa nangamazinyo. Izingane ezashona kwaba umfana nentombazane kanti omunye wayeminyaka eyisikhombisa omunye eneminyaka eyishumi nanye ubudala.

Amadoda akuloMnyango atheleke kulendawo ephethe ukudla, okokugqoka kanye nempahla yokwakha okubala izitini, usimende, isihlabathi kanye

nomphongolo wamanzi oqukatha amalitha ayi 5000.

UNgqongqoshe ubonge lomkhandlu waphinda wacela ukuthi amalungu awo angagcini eHaladu kodwa aphinde enze lesenzo esihle nangasemakubo.

"Kubalulekile ukuthi unikele uma ubona isimo esidingayo nangakini" kusho uMaSithole Moloi.

UMnu. Thembinkosi Sithole nonkosikazi wakhe uBusisiwe Molefe-Sithole basamukele ngenjabulo lesisenzo, babonge banconcoza emnyangweni ngokukhuza ibuya uzolekelela kuvuswe indlu entsha.

UBusisiwe Molefe-Sithole ujabule waze wafikelwa umunyu ebona iviyo lezinsizwa zoMnyango liphithizela egcekeni lakwakhe.

Nomakhelwane babonge umnyango ngeqhaza osulibambile kulomuzi ungasaqali njengiba nangesikhathi kwehle umshophi wasifaka isandla kwafihlwa ngesizotha izingane.



SIBONGILE DLANGALALA

-EPWP Beneficiary Training Directorate engaphansi koMnyango Wezemisebenzi Yomphakathi Kuzwelonke isingathe umhlangano wokucija abasebenzi maqondana nohlelo i-EPWP othathe izinsuku ezinhlanu obubanjelwe emahhovisi Ezemisebenzi Yomphakathi KwaZulu-Natali, eMngungundlovu. Lo mhlangano wokucija kwabasebenzi bowunxuswe uMnyango Wezemisebenzi Yomphakathi KwaZulu-Natali ukuze abasebenzi ababhekelele ukuqaliswa kokusebenza nokuhlelwa kohlelo lwe-EPWP bathole uhloko kulokho abasebenza ngakho. Lo mhlangano wethanyelwa abasebenzi abangama-60 abavela koMasipala kanye naseminyangweni kaHulumeni eyahlukahukene. Ababefundisa bakhethwe kubasebenzi abanolwazi olunzulu abasebenza eMnyangweni Wezemisebenzi yoMphakathi Kuzwelonke abebemele imikhakha emine ye-EPWP kanye nezimpiko ezintathu okusetshenziswa nazo. Laba abafundisayo banolwazi olunzulu mayelana neSigaba 3 se-EPWP futhi basanda kuqeqesha abasebenzi benhlangano yomphakathi. Inhlosongqangi yalolu hlelo ukuthuthukisa ulwazi lwabasebenzi, amafolisi, abenza inqubomgomo ebhekele lolu hlelo i-EPWP kanjalo nosopolitiki ukuze

UMnu RAVI PILLAY

UNGGONGQOSHE WEZEMISEBENZI YOMPHAKATHI KWAZULU-NATAL



ABASEBENZI BACIJWE MAQONDANA NOHLELO I-EPWP



Ababefunda kanye nabafundisi babo ngesikhathi sebephothule ukufunda kwabo okuthathe izinsuku ezinhlanu. **Isithombe: LIHLE BHENGU**

bonke baqonde kanzulu ngokuqhubekayo nokumele kwenziwe.

Kulo mhlangano wezinsuku ezinhlanu kuye kwadingida konke okuphathelene nohlelo kuyona yonke imikhakha yalo, esingabala nje, ingqalasizinda, inhlobo, ezemvelo ngokunjalo namasiko kanye nemisebenzi enqala ephathelene nohlelo, isb.

Ukuqapha Nokuhlola ukusebenza kohlelo, Ukuluthuthukisa kanye Nokuqeqesha. Emva kokuqeda ukufunda ababefunda babe

sebebhala isivivinyo base benikezwa izitifiketi zokuba yingxenywe yoqeqesho. Kuye kwahlokoma indlu yonke ngenxa yenjabulo ngenkathi sekwenziwa umcimbi wokunikezelwa kwezitifiketi obuphethwe ngesinono nguNingi Mbanjwa, oyisekela likaMqondisi. Kwezokuhlelwa kwe-EPWP Esifundazweni kanye neKhanzela u-Martin Mtshali; oyimeya kaMasipala Abaqulusi.

UNK. Mbanjwa uncome futhi wababonga bonke abebeyingxenywe yoqeqesho, wathembisa ukuthi uMnyango usazoqhubeka nalezi zinhlelo zokuthuthukiswa kwabasebenzi.

“Singabasebenzi kumele sibe nolwazi olunzulu futhi sibe “amasosha” e-EPWP anokuzethemba lapho ekhuluma ngokuphathelene nalolu hlelo ngisho uma sisemihlanganweni yabaphathi, esho ethasisela enkulumweni yakhe uNk. Mbanjwa.

Njengalokhu i-EPWP kuwuhlelo olukhululakazi lukahulumeni, luyaqhubeka nokufaka isandla kuNqubomgomo Yokubekwe Eghulwini Kahulumeni ngokwemisebenzi ehloniphekile, ukuphila kahle, ezemfundo, ezempilo, ukuthuthukiswa kwezindawo zasemakhaya. ukuqinisekiswa kokubakhona kokudla kanye nokubuyekesha kwezomhlaba kanjalo nokulwa nobugebengu nenkohlakalo.

UP-illay uhambele izikole ngenhloso yokuhlola ukuthi seyikhona yini inqubekelaphambili

THANDO MAZIBUKO

Njengalokhu kade izikole zivulelwa ikwata yesithathu, uNgqongqoshe Wezokuhlaliswa Kwabantu kanye Nemisebenzi Yomphakathi u-Ravi Pillay oyiLungu Lesishayamthetho Sesifundazwe, uye wenza njengoba isifundazwe simjubile waphindela ezikoleni ayezivakashele ngoMasingana ezingaphansi kukaMasipala wesifunda i-Harry Gwala. Mhla zingama-25 namhla zingama-26 kuNtulikazi wezi-2017, ithimba lezikhulu eziphezulu loMnyango Wezemisebenzi Yomphakathi KwaZulu-Natali, elikaMasipala Wesifunda i-Harry Gwala kanye nezikaMasipala Wendawo uMzimkhulu laphelazela uMnu Pillay ohambeni lwakhe lokuvakashele izikole.

Bavakashele izikole ezintathu, okuyiKwamvimbela, eBotlokoa Secondary School naseTshaka Junior Primary School. Inhloso yalokhu kuhanjelwa kwalezi zikole ngokuhlola ukusebenza kwazo nokubheka inqubekelaphambili ngokumaqondana nokufundiswa kwabafundi, ukuthuthukiswa kwengqalasizinda kanye nokunye okuphathelene nokusebenza kwalezi zikole. Ngaphezu kwalokho, inhloso yalolu hambo kwabe kungukuyinqinisekisa ukuthi izikole sezihambe zafika kuphi namalungiselelo okubhalwa kwezivivinyo zokuphela konyaka. Enkulumweni yakhe, uMnu. Pillay uye watusa umsebenzi osewenzwe emva kokuba kade efike okokuqala. Okukodwa kwalokho osekuqeqesisiwe okwamhlaba umxhwele ukuthi isikole sesithenge amathange amanzi (o-Jojo) okungufaka

isandla ekuthuthukisweni kwengqalasizinda. Wenezezela ngokuba akhuthaze ukuba bazibambe ziqine futhi bazinikele ekuthuthukiseni imfundo.

“Ukubambisana kwabazali, othisha kanye nabafundi sekube nemiphumela encomekayo,” kusho uMnu. Pillay ngokukhulu ukwesasa. Kubalulekile ukusho ukuthi abaphathi bezikole babe negalelo elibonakalayo ekuletheni izinguquko ezincomekayo kulesi sikole. Kulezi zikole zontathu lehle kakhulu izinga lokukhulelwa kwentsha kanye nokusetshenziswa kwezidakamizwa. Ngaphezu kwalokho, nezinga lokuphasa liye lenyuka. Kona-ke zikhona ezingqinamba ezikhinyabeza inqubekelaphambili.

UNggongqoshe Pillay kanye nethimba lakhe bazibophezela ukuthi bazozifakela izibuko lezi zingqinamba, ukuze kuqinisekise ukuthi ukufunda nokufundisa akunazo izihibe. Othishanhloko bazo zonke lezi zikole ebezivakashelwe balituse kakhulu iqhaza kanye nokungenelela okwenziwe uHulumeni wesifundazwe.

Kuyancomeka futhi ukubona uMnyango Wezemisebenzi Yomphakathi, ngobuholi bukaNgqongqoshe Pillay utshengisa ukuzinikela ekutheni izingane zithole ukwesekwa ekufundeni kwazo.

Uma kunezemfundo ezinohlonze ezesekwa ngeminye iminyango yesifundazwe akungabazeki ukuthi uhlelo lokuhlola ukusebenza kwezikole kuletha uzinzo ekwakhiweni kwesizwe esinekusasa eliqhakazile.



NOKWANDA MAKHANYA

U-PILLAY UVAKASHELE UMPHAKATHI WASE MLAZA



UMnu. Muziwenyanga Dladla oyikhansela likaWadi -82 kanye noNgqongqoshe Wezokuhlaliswa Kwabantu Nemisebenzi Yomphakathi u-Ravi Pillay. **Isithombe: GUGU MTSHALI**

UNggongqoshe u-Ravi Pillay ubevakashele iZandile Junior Primary School kanye nendawo endala yokubhaka i-Umlazi Bakery esesigcemeni sakwa-W eMlaza nokuyingxenywe yohlelo lwe-Operation Sukuma Sakhe ngoLwesithathu mhla ziyi-12 kuNtulikazi ngonyaka wezi-2017.

Wafika wathola ukuthi lesi sikole selekelela umtholampilo osesigcemeni sakwa-N ngokuhlalisa iziguli njengoba lo mtholampilo ungakwazi ukuthatha umthamo omningi weziguli ezidinga ukwelashwa. UMnu. Pillay wahalalisela lo mtholampilo kanye nabasebenzi bawo ngomsebenzi omuhle abawenzayo wathi “Ngizomazisa uNgqongqoshe u-Dlomo ngomsebenzi omuhle eniwenzayo”. Ngenxa yokwentuleka kwezindawo zokuhlala kuleya ndawo, umphakathi ususebenzisa indawo yokubhaka njengendawo yokuhlala yesikhashana. Obekuyelwe nguNgqongqoshe bekungukuthi abheke kakhulu usizo

olunganikezwa umphakathi nokubheka uguquko oselwenziwe kusukela kwaqaliswa uhlelo olubizwa nge-Operation Sukuma Sakhe (OSS). Inhlosongqongqangi yohlelo lwe-Operation Sukuma Sakhe ukuhlonza izingqinamba ezimaqondana nokulethwa kwezidingo emphakathini bese kuqhanyukwa nesisombululo.

I-Umlazi bakery isiyisikhungo esenza imisebenzi eyehlukene njengoba isihlinzeka ngezindawo zokuhlala. Lesi yisikhungo sezemidlalo nokungebeleka lapho amalungu omphakathi adlalala khona ikarati. Umphakathi uphinde ubambe kuso imingcwabo.

Ibalelwa eshumini nesithupha imindeni ehlala kule ndawo yokubhaka. Lesi sikhungo asikulungele ukuhlala abantu njengoba neminyango yakhona ingakhiyeki futhi namafasitela afile.

Lokhu kwenza ukuthi umphakathi uhlalele ovalweni njengoba sekuke kwabikwa izigameko zokudlwengulwa kanye nokuhlukunyezwa kwabantu.

Ngokuqhubeka kohlelo, uNgqongqoshe uphinde wadlulela enkundleni yezemidlalo iMenzi Sports Ground esesigcemeni sakwa-N (esikhona eMlazi).

Kwaba ingaleso sikhathi-ke lapho uNgqongqoshe walalela khona izinkinga umphakathi obhekene nazo. Ezinye zazo kwaba inselelo ebhekene nentsha yokungawutholi umsebenzi, izicelo zabadala zokuthola izihlobo ezinamasondo zokuhamba (wheelchairs), ukusetshenziswa kwezidakamizwa okwenza kungabikhona ukuthula kanye nodaba lwentsha ehlukumeza abantu abadala.

Umphakathi waphinde waveza udaba lokuwa kwezindlu zomxhaso ezakhiwe esikhathini esedlule. Esehpendula umphakathi mayelana nezindlu eziwayo uNgqongqoshe waveza ukuthi kusazophenywa ngalolu daba.

UMnu. Pillay wathi uyazizwa izikhalo zomphakathi kodwa wabe esewunxusa futhi umphakathi ukuba nawo ubambe iqhaza ekuletheni inguquko ewadini.

Ngokuphela kosuku, singasho ngokungananazi ukuthi ukuxhumana nomphakathi ngohlelo lwe-Operation Sukuma Sakhe (OSS) sekube nesasasa ezinhlelweni zokuhlumelelisa imiphakathi kulesi sifundazwe.

Uhlelo lwe-OSS iyona ndlela enhle kakhulu yokwazisa umphathi ngezindlela zokusebenzisana kanye nokusizana. Izinhlelo ezihlinzekwayo yiyona ndlela ehlabahlolile esetsenziswa yisifundazwe ukuletha uguquko kwezenhlobo-mnotho. Sonke MASISUKUME SAKHE!



SIMPHIWE NDWANDWE

SILO samaBandla sishiye abasebenzi bakaHulumeni nomyalezo oshubile wokuba bavuselele ubuqotho nokuhlonipha umsebenzi. INgonyama ikusho lokhu ngesikhathi ivakashelwe uNgqongqoshe wezoLimo nokuThuthukiswa kweZindawo zaseMakhaya KwaZulu-Natali, uMnuz Themba Mthembu, esiGodlweni sayo eBululwane ngaseNyokeni, KwaNongoma, muva nje. IMbube ikhale ngokuthi muva nje ukungasebenzi ngobuqotho kubasebenzi bakaHulumeni sekuthanda ukuba yinsakavukela umchilo wesidwaba yingakho kumele kukhuzwe. Ithe impumelelo yongqongqoshe yencike ekusebenzeni ngobuqotho kweziphathimandla zeminyango kanye nabasebenzi bayo ngoba yibona abasekhaleni lokufezeka kwephupho noma umbono lowo ngqongqoshe asuke enawo. Kanjalo nokufeyila kwephupho nombono sithe kuncike kubo abasebenzi. “Ake babuyise ukuba gotho abasebenzi bakaHulumeni. Kumele kube wungqongqoshe obatsheleyo ukuthi abenzi bese beyakwenza kungabi yibo abajika batshele ungqongqoshe ukuthi akwenzekeni,” kusho Isilo. Njengalokhu iMbube ibiyokothiwa yiithimba ebelivela eMnyangweni lihlowa uMhlonishwa uMthembu ibe isimtshela ukuthi kunabasebenzi esisebenze nabo isikhathi eside bebhekelele izinhlelo ezehlukene yezolimo endlunkulu ekholwa ukuthi kufanele

UMNU THEMBA MTHEMBU

UNGGONGQOSHE WEZOLIMO NOKUTHUTHUKISWA KWEMIPHAKATHI YASEMAKHAYA KWAZULU-NATAL



ISILO SAMABANDLA SELULEKA ABASEBENZI BAKAHULUMENI NGOKUSEBENZA NGOBUQOTHO

bamlekelele ukuletha intuthuko KwaNongoma ngoba bayalwazi usizi lwabantu. Laba basebenzi iMbube ithe bazazi ukusuka nokuhlala izingqinamba ezibhekene naleya ndawo kusukela kudala futhi bangakwazi ukusiza uMnyango ufezele izinjongo zabo zentuthuko. UNggongqoshe uMthembu uthe uzimisele ukuthi ngandi kakhulu ngamazwi kodwa asebenze. “Angithandi ukwanda ngamagama kodwa ngizosebenza. Ngakho-ke ukuba khona kwethu lapha namuhla kuwukuzoqinisa ubudlelwano nokubambisana lo Mnyango onakho nemiphakathi yalapha kwaNongoma,” kusho uMhlonishwa uMthembu. Ukugcizelelele ukuthi yena akezvani namanyala enkohlakalo futhi ngeke asonge izandla ayekele abasebenzi abanezinjongo zabo baphazamise iqhaza okumele libanjwe nguMnyango ekuthuthukiseni ezolimo.



UNggongqoshe woMnyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweziNdawo zaseMakhaya eKZN, uMnuz Themba Mthembu, ebhunga neSilo samaBandla ngesikhathi bebuka imfuyo kwelinye lamapulazi KwaNongoma

Ubikele Isilo ukuthi indawo yakwaNongoma naseNkandla zihlonzwe njengezizobekwa phezulu eqhulwini emisebenzini ephambili yezolimo eMnyangweni. Lokhu bakwenze ngokubheka ukwendleleka kwendawo, ukuvunda komhlabathi nokuhleleka kwendawo nesibalo sabantu abazinze kulezi zindawo.

Uthe ukufika esigodlweni seSilo kube yingqophamlano kuye kwazise Isilo singunomthebe wesizwe sonke samaZulu ngakho-ke ukotha iMbube nokuzwa uvo lwayo kusho ukuzwa uvo lwaso sonke isizwe, Kubuye kwahanjelwa namasimu omphakathi wasoSuthu eBulwane lapho kunohlelo lokuhlinzeka

ngenkasa iMbube ekhale ngalo yathi seludinga ukuvuselelwa ngoba alusasebenzi ngendlela. Kuleli phuzu uMthembu uqinisekise Isilo ukuthi le ndawo izoba yingxenywe yezinhlelo ezinkulu zokuthuthukiswa kukaNongoma kwezolimo. Isiphakamiso esimqoka seSilo esimayelana nokwakhiwa kwedamu elikhulukazi lapho kuhlangana khona umfula iMfolozi nesiKhwebezi kuyona leya ndawo naso kugcizelelwe ukuba sifakelwe izibuko. INgonyama ithe leli damu libaluleke kakhulu ngoba lingaphakela ngamanzi uNongoma wonke Kanye noLundi. Ithe amanzi angaze ayolekelela abalimi bakamoba abasathuthuka eMtubatuba futhi ukwakhiwa kwalo kungenza umnotho wakwaNongoma uvuke ume ngezinyawo ngoba imisebenzi yezolimo ingathola amanzi aseduze. Zonke iziphakamiso zeSilo uMthembu uthe uzozifakela izibuko futhi uzimisele ukuba ayilekelele iMbube nabantu baKwaNongoma kwezolimo ukuze kuthuthukiswe umnotho wakuleya ndawo kanye nemisebenzi yendlunkulu. Uthe uzohlela ukuphinde abuyele KwaNongoma ngo-Agasti, okuyinyanga yomama, lapho eyobe esebuya eyokwethula izinhlelo okujongwe ukuba zihlomulise imiphakathi yakuleya ndawo, ikakhulukazi nabesifazane. “Sizosebenza ngokubambisana neNdlunkulu, uMasipala wakwaNongoma nomphakathi wonke walapha,” kusho okaMvelase.



LONDIWE NGIDI

UNGGONGQOSHE UGEZEKE INHLIZIYO ABASEBENZI BOMNYANGO WEZOLIMO BEWOLA IMIKLOMELLO

UHLOMULE ngendathane yemiklomelo uMnyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweziNdawo zaseMakhaya KwaZulu-Natali emcimbi we-Premier's Service Excellence Awards obuse-ICC eThekwini ngoJulayi. Kule miklomelo kuhlonishwa abasebenzi bakaHulumeni ababe namagalelo abonakalayo enyakeni owedule abagixabezwa ngezindondo zokubabonga ngomsebenzi oncomekayo abawenzile. Nakulo nyaka ihhovisi likaNdunankulu, okuyilona elikhapha le miklomelo, liphinde lahlela indumezulu yomcimbi lapho uMnyango wezoLimo ube ngemunye weminyango ocoshacoshile impela ngesikhathi sekumenyenzelwa abanqobile. Lo mcimbi ubanjwa minyaka yonke, ngenhloso yokuhlaliselana nokugqunguzela abasebenzi bakaHulumeni abasebenza ngokuzikhandla nokuzimisela ngenhloso yokunikekisa ukuthi umphakathi uzithola zonke izidingo zawo. Kodwa umsebenzi



UNdunankulu waKwaZulu-Natali, uMnuz Willie Mchunu, ubehalalisela uNksz Ntokozo Khuluse, woMnyango wezoLimo owine umklomelo, uMnuz Nhlanhla Mnqayi weHhovisi likaNdunankulu noNgqongqoshe woMnyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweziNdawo zaseMakhaya esiFundazweni nabo bebezabula naye ngesikhathi kunemiklomelo ye-Premier's Service Excellence Awards eThekwini

owenziwa yizisebenzi zikaHulumeni wehlulelwa ngokuthi uhambisane nakho konke yini okuyimigomo yeBatho Pele elawula ukuziphatha nokusebenzi kwabo bonke abasebenzi

bakaHulumeni emiNyangweni eyehlukene ezweni. Lemiklomelo incike kwimigomo yeBatho Pele egcizelela ukubaluleka kokubonisana nezakhamizi ngezina lemisebenzi

kaHulumeni ezihlinzekwa ngayo, nokwaziswa ngamazinga omsebenzi abangawalindela. Zonke izakhamizi kumele zithole ngokulinganayo izidingo ezifanelekile ukuzithola. Phezu kwalokho izakhamizi kumele ziphathwe ngenhlonipho futhi zinakekela. Kubalulekile ukuthi zithola ulwazi olugcwele noluyiqiniso mayelana nezinga lomsebenzi elithenjisiwe kanye namanani emisebenzi ahlinzekwayo, futhi uma zinezikhalazo kumele zilungiswe ngokushesha. Lemigomo iyisisekelo okusentsenzelwe phezu kwayo okumele ukuveza ukuthi umsebenzi noma ihhovisi lisebenzise zonke izinhlelo zeBatho Pele futhi bakhombise ubuholi ubuqotho. UNkosazana Ntokozo Khuluse oqhamuka ehhovisi laseMkhanyakude ukhonyeliswe ngeSiliva kumkhakha we-Best Public Service Frontline Employee of the Year, kwathi uMnumzane Phumzile Garane ophuma ehhovisi laseMzimkhulu wahlomula iBronze.

Akuphelelanga lapho, uNkosazana Hlengiwe Buthelezi wehhovisi lakwaMaphumulo ukhonyeliswe ngeSiliva kumkhakha weBest Public Service Public Servant of the Year, uNkosazana Sthembile Masinga oqhamuka eCedara Head office wathola isitifiketi. U Mnyango uveze ukuzimisela nokusebenza ngokuzikhandla kakhulu njengoba ihhovisi lakwaMaphumulo lihlolele iSiliva kumkhakha weBest Implemented Project of the Year, njengoba lifake isandla ekusizeni iQwabe Development Secondary ukuze iqale iprojekthi yezoLimo eyimpumelelo. UNkosana C.P. Cele owasehhovisi laseMzinyathi District wabadudula bonke ngokuthola umklomelo weGolide kumkhakha weBest Public Service Creative and Innovation of the Year. IHhovisi laseMsinga lavalala umcimbi ngokukhombisa ukusebenzisana njengethimba elihlangene njengoba lihlolele iSiliva kumkhakha weBest Batho Pele Team.

BAYIBULELE IMALI ABAFUYI BEZINKOMO ENDAYINI EBISENKANDLA

■ Sinxusa ukuba yenzeke ngokushesha elandelayo ngoba kungikhanyele ukuthi izobaphilisa abantu bakithi le ndayi," kusho iNkosi uDinangwe.



SIMPHIWE NDWANDWE

ZINGU-39 izinkomo ezishaywe indayi ngesikhathi uMnyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweziNdawo zaseMakhaya KwaZulu-Natali uhlele indayi eNkandla ekupheleni kukaJulayi. Ngemuva kwale ndayi abafuyi baphume bezincweba izinqulu ngenxa yokungakhohla ukuthi benze imali enhle kule ndayi.

Inkomo yokuqala okuvulwe ngayo indayi ishaywe intengo engu-R14 000 namanikinikana okwenze abebethamele le ndayi bashaya izandla ngenxa yenjabulo.

Kuthe kusabatshazwa lokho kwangena eyesibili yona ethe ukuthi xaxa njengalokhu ishaywe u-R15 000 nemadlana base beqala ukuhhomuzela abanumzane abafuyile bengakhohla.

Ngemuva kwalokho kube nokuphithizela abanye bezama ukuthola izimoto zokuthwala izinkomo ukuze zizodaysiswa kule ndayi njengalokhu bekucaca ukuthi zimbiwe yinsele yazishiya.

Nakuba indayi ibihlelwe isigubhukane futhi kucaca ukuthi kusenezinkinganyana mayelana nokuqoqa imfuyo kodwa abahleli bayo okuyihhovisi lezolimo laseNkandla baphume begezeke izinhliziyi ngempumelelo yayo.

UNkk Thembisiwe Xulu, onguMphathi weHhovisi laseNkandla, uthe uMnyango ugculisekile ngendlela indayi eqhubeka ngayo ngisho nenani izinkomo ezilishiyile nakuba ebe khona amathizethize athande ukuhlupha. "Singajabula kakhulu uma abantu abazodayisa bengakwazi ukuhlela izinto zokuthutha imfuyo kusenesikhathi ukuze bangaphuthwa yileli thuba. Wonke umuntu obelapha uzibonele ukuthi nokho kusebenzekile nabafuyi abaningi bajabulile," kusho uNkk Xulu.

Isizathu esenze ukuthi izimoto zokuthuthela abantu imfuyo zingabi khona kube wukuhoxa kwenkampani ebinikezwe lo msebenzi.

Izinkomo ezishaywe indayi iningi lazo libize imali engaphezulu kwezinkulungwane eziyishumi zamarandi.

Okuqaphelekile ukuthi abathenge izinkomo eziningi endayini ngabanikazi bamadela abebejunge ukuhlaba bathengise inyama.

Kodwa ezinye izinkomo ezidayisiwe yizithole namajongosi,



Abafuyi bebebuka enye yezinkomo ebezize endayini eNkandla

nakho okuchithwe ngemali ebhekile kwazise bekushaya laphaya ko-R8 000 nemadlana.

UNkk Xulu uthe ngenxa yesasa elibe khona bamatasa nezinhlelo zokuphinda enye indayi makhatheleni nonyaka ukuze nabafuyi abagejwe yindayi edlule bakwazi ukuhlomula kwelandelayo.

Kulokhu uthe kuyobe sekulungisiwe nokuhlinzekwa kwezinto zokuthutha nakuba ekugcizelelile ukuthi abanye abafuyi bayobasebenzela ukuzitholela bona izimoto zokuthutha imfuyo ngoba uHulumeni ngeke abe nawo

amandla okuyiguduza yonke iNkandla namaphethelo uqoqa imfuyo ezodayiswa.

INkosi yesizwe saKwaDlomo khona eNkandla ithe ayinawo amazwi obugagu engawasho kuzwakale kahle ukujabula ekuzwile ngale ndayi.

"Sinxusa ukuba yenzeke ngokushesha elandelayo ngoba kungikhanyele ukuthi izobaphilisa abantu bakithi le ndayi," kusho iNkosi uDinangwe.

Iphinde yahlaba ikhwelo elibhekise eMnyanyweni nasemkhakheni wezemfuyo ngokubanzi kuleliya dolobha inxusa

ukuba kwakhiwe izizinda eziqondene nabalimi. Uthe akumphathi kahle ukuthi uma umlimi noma umfuyi efuna izinto eziphathelele nomsebenzi wakhe kuphoqe ukuthi alibangise eVryheid yathi lokhu akumelele kuqhubeka nokwenzeka.

Ngasohlangothini lwabafuyi abadayise kule ndayi kube khona ukuvumelana kulabo uSimama akhulume nabo ukuthi uma izinkomo zingaqhubeka nokushaya imali enhle njengalena ezindayini abalimi basezindaweni zomphakathi bangaqubuka kwezomnotho.

UKAUNDA UHLABEKE UMXHWELE EHAMBELE KWANONGOMA NGOLUKAMANDELA

■ Namhlanje ngizonikezela ngamabhayisikili angu-50 ukuqinisekisa ukuthi labo bafundi abahamba ibanga elide ukuya nokubuya esikoleni kuba lula kubona.

NONHLANHLA NDWANDWE

UMphathiswa wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi uMnu Mxolisi Kaunda uchithe usuku lokuzalwa kowayenguMongameli wezwe uDkt Nelson Mandela KwaNongoma ehambela izindawo zomphakathi.

UKaunda uqale usuku lwakhe ngokuhambela ingadi yomphakathi ekwaNongoma iSizabantu Nazareth Co-Operative ekuWadi14 lapho efike wazibambela mathupha elekelele amalunga asebenza kule ngadi ngokulima nokutshala.

Ngaphambi kwalokho uqale walalela ama lunga alo mfelandawonye embekela izinselelo abhekene nazo ekwenzeni umsebenzi wabo.

UKaunda akawuvalanga umlomo ekhangwa ingadi enhle enezitshalo eziqhakazile nezithelo nemifino emisha. Babikele uKaunda ukuthi umkhizozo wabo bawudayisela izimakethe ezimbili nezitolo ezintathu zendawo okubalwa kuzona i-Boxer, Spar no-Brown base bethi banesifiso sokuthi bangagcini ngazo kuphela kodwa



UMphathiswa uMxolisi Kaunda neNhloko yoMnyango wezeMpilo uDkt Sifiso Mtshali bachithe imizuzu yabo engu-67 belekelele eSizabantu Nazareth Gardens KwaNongoma. **Isithombe: MBUYI NDLOVU**

babuye bahlinzeke izibhedlela namajele. La malunga abuye akhala ngokuthi uma sekumele bahambise imikhizozo yabo ezikhungweni abazihlinzekayo baba nengqinamba yokuthi kumele baqashe imoto ezobahambisela khona njengoba bengenayo eyabo abayisebenzisayo.

UNks Mkhize uSihlalo walo mfelandawonye uthe: "Isifiso sethu ukuthi sikhulise le ngadi ibe

ngaphezu kwale eyikhona njengamanje ukuze siqhubeke nokukwazi ukufaka isandla emphakathini, njengoba iyisiza kakhulu imindeni yakule ndawo ngokuthi isiyakwazi ukuyisa ibhodwe eziko.

Sibuye silekelele endaweni uma kunesifo ngokuthi sihambise ezinye zezitshalo zethu."

Akachithanga isikhathi ngokuthi aphenyule kulezi zinkinga zabo

wathembisa ukuthi uzoletsa imoto ezobalekelele ekuhambiseni umkhizozo wabo ezindaweni ngezindawo.

"Angidingi sikhathi ukuthi ngiphendule kwezinye izidingo zenu ngoba ngiyabona ukubaluleka kwazo, imoto izofika noma yini ukusukela manje enizoyisebenzisa ukuze umsebenzi wenu uqhubeke ngaphandle kokuphazamiseka.

Nokulungiswa kwendlela engenela lapha engadini engahambeki kahle ngingasho ngokungananazi ukuthi yithatheni leyo ndaba njengento esiyenzekile izolungiswa nayo ngokunjalo," kusho uKaunda.

Ube esephosela inselelo uMnyango wezeMpilo obumelwe iNhloko yoMnyango wezeMpilo uDkt Sifiso Mtshali obeyingxenywe yalolu hambo ukuthi kebalubheke udaba lokuhlinzekwa kwezibhedlela namajele.

Ube esedlulela esikoleni samabanga aphezulu iFalaza esisoSuthu ngakwaNongoma ku-Ward 5 lapho efike wanikela

ngamabhayisikili angu-50 ezinganeni zakulesi sikole ezihamba amabanga amade uma ziya noma zibuya esikoleni wabuye wanikezela ngama-sanitary towel kubafundi bamantombazane.

"Ikusasa labafundi abangabantwana bethu lilele kithina bazali yingakho kumele enizoyisebenzisa ukuze emahlombe ethu ukuthi siqinisekise ukuthi okuyizidingo zabo siyakusukumela.

Namhlanje ngizonikezela ngamabhayisikili angu-50 ukuqinisekisa ukuthi labo bafundi abahamba ibanga elide ukuya nokubuya esikoleni kuba lula kubona," kuchaza uKaunda.

Ubuye wathi uyethemba ukuthi ukuba khona kwalama bhayisikili kuzokwelekelela abafundi ukuthi kwehle izinga lokufika kwabo ngemuva kwesikhathi esikoleni, kunciphe izinga lokungayi esikoleni, kunyuke nezinga lokuphasa kwabo babuye babe nempilo engcono ngoba ukushova kwenza umzimba ukuthi uhlale unempilo kubaleke nezifo.

AKHONA DLAMINI

UMnyango wezokuThutha ubuye uphethe izindondo ezimbili emcimbini we-Premier's Service Excellence Awards obuseNkosi Albert Luthuli, eThekwini nokuyimiklomelo ebikhombisa ukuzikhandla kwabasebenzi balo Mnyango ekusebenzeleni umpakathi.

Kulo mcimbi uMnyango wezokuThutha uthole umklomelo obizwa ngokuthi yi-Most Functional, Professional and Ethical Department of the Year, okuwukuthi uMnyango usebenze kakhulu ngobuchwepheshe nanokwethembeka, bese kuba umklomelo otholwe ithimba elisebenza kakhulu ukubeka abantu kuqala i-Best Batho Pele Team of the Year.

Kulesi sigaba utholwe yiHhovisi loMnyango laseHluhluwe elithole indondo yesiliva ngokukwazi ukuphatha kahle amakhwasimende. Inhlalo yalo mcintiswano ukuklomelisa leyo minyango kaHulumeni eyenze kahle nokungaphezu kwalokho obekulindlekile emikhakheni eyehlukene bese kukhuthazeka naleyo minyango engenzanga kahle ukuthi isebenze ngokuzikhandla esikhathini esizayo. Inhlalo yoMnyango wezokuThutha uMnu Sbusiso Gumbi ubongele kakhulu abasebenzi bakulo Mnyango abathole imiklomelo wathi ibafanele njengoba bekwazile ukuhambisa izidingo zomphakathi ngalokho okuncane abasebenza ngakho. "Ukungabi nezinsiza ezanele

UMnu MXOLISI KAUNDA

UNQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA
NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL



OWEZOKUTHUTHA UBUYE NEZINDONDO KUMA-PREMIER'S AWARDS



UMphathiswa uMnu Mxolisi Kaunda, iNhlalo yoMnyango wezokuThutha uMnu Sbusiso Gumbi, uMqondisi weHhovisi loMnyango lesifunda saseMpangeni uMnu Lawrence Mtambo, umgqunguzeli we-Batho Pele eMnyangweni uMnu Anthony Ntshangase noMqondisi omkhulu we-Strategic Management uNks Glen Xaba bephethe imiklomelo etholwe uMnyango. Isithombe: ZINGISA HLATHI

zokusebenza akuzange kusidikibalise yize besishodelwa yizinsiza-kusebenza, kodwa lokho kusikhuthazile ukuthi sisebenze kanzima ukuhambisa okwabantu kubantu esifundazweni sethu.

Izinhlelo zethu zomnyango zisezingeni eliphezulu kakhulu futhi sizama njalo ukuqhamuka namasu amasha ukuze sithuthukise umpakathi kanti futhi nezinhlelo zethu sezisetshenziswa kuzwelonke.

"Ukusebenza kwethu ngempumelelo kusekelwe amasu esiqhamuka nawo kanye nendlela esihlela ngayo ukusebenza ngendlela efanele.

Elinye lamasu ethu eleminyaka emihlanu eliveza umbono ocacile

wokuthi siwusaphi uMnyango," kusho uGumbi. UMnu Anthony Ntshangase ongumgqunguzeli we-Batho Pele eMnyangweni wezokuThutha uthole ugculisekile ngemiphumela etholwe uMnyango wathi uyaziqhenya ngokuzibophezela okuzezwe abasebenzi ekwenzeni umsebenzi wabo.

"Kubalulekile ukuncoma imisebenzi emihle uma kufanelekile ukuze abasebenzi baqunguzeleke ukwenza ngcono emikhakheni yabo eyahlukene," kusho uNtshangase."

UMphathiswa wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi uMnu Mxolisi Kaunda uncome kakhulu abasebenzi boMnyango wakhe wathi uyaziqhenya ukuthi umsebenzi wabo bawenza ngokukhulu ukugculisa babuye futhi bawenze ngokungaphezu kwalokho okulindlekile.

"Ngiyanihalalisela ngenkulo intokozo nokuziqhenya ngomsebenzi omuhle eniwenzayo kulo Mnyango eniwusebenzelayo.

Ngokuthola lezi zindondo, nitshengise ukuthi nizinikele kangakanani ekwenzeni umehluko emisebenzini yenu ngale kokubheka inkokhelo noma ukuhlonyuliswa.

Konke lokhu nikwenze ngendlela encomekayo nangokusheshisa ukulethwa kwezidingo zomphakathi nabuye nalandela imigomo kaHulumeni ebekiwe ekuhambiseni izidingo emiphakathini," kusho uKaunda.

Labafundi kumele bahanjiswe kwesinye isikole uma kukhona isidingo sokuthi kumele leli kilasi livalwe.

UKAUNDA UKHUTHAZE ISIKO LOKUFUNDA EZIKOLENI ZASEBAQULUSINI

NOSIPHO NXASANE

Ukulungiselela ukuthi imiphumela yokuphela konyaka iba mihle KwaZulu-Natal, isiShayamthetho besiphume sasabalala nesifundazwe siyobheka ukuthi ngemuva kwezikhalo nezinsalelo ezavezwa ekuqaleni konyaka sekuhamba kanjani.

Lokhu kungeminye yemizamo yesifundazwe ukuthi kuthuthukiswe imiphumela yokuphela konyaka ikakhulukazi kuMatric,

umgqunguzelwe lezo zikole ezenza kahle kubuye kutholakale izinkinga ezikhungethe lezo zikole ezingenzi kahle ngasekupheleni konyaka.

UMphathiswa wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi uMnu Mxolisi Kaunda yena ubehambele izikole ezintathu zamabanga aphezulu ezingaphansi kwesifunda iZululand okuyiKanyekanye, iKwasa neSiyazizamela eyozizwela izingqinamba ezibhekene nalezi zikole bese eyangenelela.

Lokhu kuhanjelwa kwezikole kulandela ukuhanjelwa kwazo okwenzeka ngoMasingana wakulo nyaka ngemuva kwamaholidi okuphela konyaka lapho isiShayamthetho sasiphume ngobuningi sihambela izikole.

UKaunda ugcizelele ukuthi njengoba bebezihambele lezi zikole ngasekuqaleni konyaka



UMphathiswa wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi uMnu Mxolisi Kaunda namalunga eSishayamthetho ngesikhathi behambele izikole eVryheid. Isithombe: MBUYI NDLOVU

ukuyozwa ngezinkinga ezibakhungethe, sebeyabuyela nangalesi sikhathi ukuyobheka ukuthi kulezi zinkinga ezavela kungakanani osekwenzekile nokuthi uma kukhona lapho okusashoda khona kube nokungenelela okusheshayo.

"Sizozizazulula lezi zinselelo ngokubambisana noMnyango

wezeMisebenzi yoMphakathi bese kuthi ikomidi lezeMfundo lona lizohlela umhlango nekomidi leMisebenzi yoMphakathi namalunga athintekayo ekubhekaneni ngqo nezinsalelo ezithinta insizakalo ekuhlizakeni kwengqalasisizinda," kusho uKaunda. Ngalolu hlelo kuhloswe ngalo ukuqinisekisa ukuthi abafundi

balungela ukufundiseka ngalesi sikhathi esesisele sonyaka ngaphambi kwesikhathi sokuhlalelwa ukuphela konyaka.

UKaunda uphinde abe uShampeni wesifunda saseZululand ekulethweni kwentuthuko kulesi sifunda.

Phakathi kwezinkinga ozatholakala esikoleni

iSiyazizamela kubalwa izinga eliphansi lokuphumelela kwabafundi nesibalo esincane sabafundi abenza umatikuletsheni okungabafundi besilisa abangu-8 kuphela, ukushoda kwezincwadi kanye nokungaphasi kahle kwabafundi.

Kuzona zonke lezi zikole kutholakale ukuthi eSiyazizamela High school neKwasa yizona zikole ezibe nezinkinga eziningana.

Esiyazizamela High khona kube nomehluko ezingeni lokuphela kwabafundi selokhu kwahambela amalunga esiShayamthetho ngasekuqaleni kwalo nyaka, izinga lokuphela kwabafundi laba ngconywa kunasekuqaleni.

Ubonge wanconcoza uKaunda ukuthi ngesikhathi ehambele kule ndawo wathola ukuthi abafundi babengakutholi ukudla izinsuku ezimbili kodwa ngemuva kokuba efikile lolu hlelo lwabuyela esimweni. "Labafundi kumele bahanjiswe kwesinye isikole uma kukhona isidingo sokuthi kumele leli kilasi livalwe.

Esikubonayo ukuthi isimo sokuthi kungabi khona amantombazane kuleli kilasi yizinga eliphezulu lamantombazane akhulelwayo esasesikoleni nokuyinto okumele ifakelwe izibuko," kusho uKaunda.



NOMPUMELELO GASA

U Mhlaka 13 July 2017 kube usuku olukhulu eMnyangweni wezeMfundo ngenxa

yokuthi lolusuku kwakungolwekhulu (100) ngaphambi kwezivivinyo zikamatikuletsheni.

Yingakho uMphathiswa wezeMfundo, uMthandeni Dlungwana, kanye nezikhulu ezihlukene eMnyangweni, beshiye konke ngenhloso yokuhlanganyela nazo zonke izinhlobo ezibalulekile eMnyangweni okubalwa abafundi, othisha, izinhlangano ezimele abazali, izinhlangano ezimele othisha kanye nazonke izinhlobo ezibamba iqhaza elibalulekile emfundweni. Lenhlanganiso ebiyinqayizivele ngenxa yezihambeli abezigcwele zithe phama, ibibanjelwe eDokkies, okuyindawo yokuqeqeshwa kothisha. Inhloso enkulu yalombuthano bekuwukukhumbuzwa futhi ugqunguzela abafundi ukuthi asisekho isikhathi ngaphambi kwezivivinyo zikamatikuletsheni kanye nokunxenxa zonke izinhlobo ezineqhaza emfundweni ukuthi zisebenzisane noMnyango ngawo wonke amasu azothela imiphumela emihle.

Namhlanje ngikhethe ukuthi ngibe nani ngoba lolu usuku olubalulekile ukuthi sikhumbuzane ukuthi isikhathi siphaphile sekumele sizibambe ziqine ngoba akusekho ukujikela emuva.

Izinsuku eziyikhulu ngaphambi kwezivivinyo ziwuphawu lokuthi sesisemaphethelweni okuqeda isyllabus njengoba sibeke umgomo wokuthi zonke izikole zibe

UMnu MTHANDENI DLUNGWANE

UNGQONGQOSHE WEZEMFUNDO KWAZULU-NATAL



UDLUNGWANA UTHI SEZIHUBELA SAKUSHA



Selidumele emansumpeni kubafundi bakamatikuletsheni, kusho uNgqongqoshe wezeMfundo uMnu. Mthandeni Dlungwana ngesikhathi ekhanyisa isibani sika 100 days osele kubhalwe izivivinyo. **Isithombe: BONGEKILE KHUMALO**

seziqedile ufundisa uma kuphela u August ukuze othisha nabafundi babe nesikhathi esanele sekobuyekela lokho okade kufundwa ekuqaleni konyaka," kubeka uDlungwana.

UMphathiswa ukubeke kwacaca ukuthi uMnyango uzimisele ukunyusa imiphumela ngo 10%

ingakho wenza ngakho konke ukucija othisha nabafundi ngezinhlelo ezithuthukisa ulwazi lwabo kanye nokunikezela ngematerial abayisebinzisayo ukulekelela ukuthi benze kangcono ezifundweni zabo. "UMnyango uthe kuqala unyaka wabe uzithintitha wavuka wazithatha ngenhloso

yokuthi u2017 kube nomehluko kwimiphumela kamatikuletsheni.

Kusukela ngoMashi abafundi bethu bese bezibandakanya nohlelo lwama boot camps akukona ukuthi sesikhumbula manje ukuthi kumele sibhukule ngoba sekusele izinsuku eziyikhulu, kodwa silapha sizoshayela isipikili sokuthi kusetshenzwe ngokuzikhandla kuwona wonke umuntu othintenkayo," kuqhuba uDlungwana.

UDlungwana uchazele izithameli ukuthi uhlelo lwe Boot Camp nyakenye lwalubhekelela kakhulu abafundi ababenza kahle ezifundweni zabo ukuze benze kangcono kakhulu kwizivivinyo zabo. Ngenxa yemiphumela ye Boot Camp eyathela izithelo ezinhle, uMnyango wabona kungcono ukuthi ufake ohlwini nalezo zikole ezingenzi kahle ukuze zilekelelwe ukwenza kangcono kwizivivinyo zabo. Eqhubeka nenkulumo yakhe

unxuse bonke abafundi ukuthi basebenzisane nothisha ngalesisikhathi esisele ukuze babambisise lokho okusazofundiswa kanye nokusazobuyekenza ngesikhathi sokubuyekenza.

"Bantwana bami isikhathi sesiphelile, lesi isikhathi sokuthi nigxile ezifundweni zenu nikhohlwe izinto ezingeke zinizise ngalutho."

Ngyanigqunguzela ukuthi nifundisane nibonisane nabanye abafundi ngoba lokho kuyawenza umehluko kunokufunda ngawedwana. Ikusasa lisezandleni zenu," kuqhuba uDlungwana.

Ephetha uDlungwana unxuse bonke abazali ukuthi babeyingxenywe ebalulekile ekufundeni kwabantwana babo, babaseke ngayoyonke indlela futhi baqikelele ukuthi bayafunda ngezikhathi abanikezwa zona ukuthi bafunde futhi bayasithola isikhathi sokuphumula esanele.

UNompumelelo Khoza ongumfundi wase Menzi High School ushiye izihambeli zalomcimbi zingawuvali umlomo ngendlela athule ngayo inkulumbo yakhe.

"Sithanda ukubonga kakhulu uMnyango ngokusiseka ngezinhlelo ezicija ulwazi lwethu ezifundweni zethu kanye nematerial esibuyekenza ngayo.

Ngingakhohlwa othisha bethu abasithanda njengamalungu emindeni yabo ngendlela abazinikela ngayo ekusifundiseni.

UMenzi High School waziwa njengesikole esenza kahle kakhulu kumatikuletsheni, iqiniso ukuthi indlela eya empumelelweni ayilula kusuka kunzima.

SiyiMenzi asithembisi u100% wokuphasa kuphela lo esiwuthola minyaka yonke kodwa sithembisa u100% Bachelors Pass," kuphetha UNompumelelo.

UDLUNGWANA UHAMBELE ISIGCEME SAKWA M EMLAZI

UHulumeni wethu uzimisele yingakho sibonohlelo lokusabalalisa amaqakelo ezikoleni zethu ngoba siyanakekela abantwana bethu futhi yingakho sekwaba nohlelo lokudla ezikoleni



MBALI ZULU

UMphathiswa weZemfundo KwaZulu-Natali, uMthandeni Dlungwana, uhambele isigceme sakwa M eMlazi esabela kwikhelo lika Ndunankulu wesifundazwe saKwaZulu-Natali, uMnu Willies Mchunu, ngaphansi kohlelo luka Sukuma Sakhe lapho oNgqongqoshe besuke bejushelwe ezigcemeni ezahlukene.

Umphakathi wakwa M eMlazi uzifikele ngokwawo ehlo lakwa M uzobona uMphathiswa, ulethe nezidingo zawo maqondana nentuthuko yasesigcemeni sabo sakwaM. Kumhlabe umxhwele uMphathiswa ukubona izikhamsi zakwa M zigcwele

ihhlo ikakhulukazi intsha bezothamela inkulumbo. Phakathi kwethimba ebeliphelezela uMphathiswa bekukhona nekhansela lendawo uMnu Bheki Mngwengwe.

UDlungwana kanye noMngwengwe baqale bavakashela iClinic eyakhele isigceme sakwa M lapho befike khona ekuseni ngo 7 bafike sekuqalile ukusebenza abantu sebekhona bezofuna usizo lwempilo emtholampilo wabo.

Ube esedlulela e-War Room ekhona esigcemeni sakwa M lapho ukhansela Mngwengwe esebenzela khona.

UMphathiswa ube esedlulela ezikoleni ezimbili ezakhele lendawo, i Vukuzakhe High School ne Mzwiwamandla High School, lapho abafundi bebehlangene khona ngohlelo lwama Winter Schools bezocijelwa izivivinyo zokuphela konyaka.

Efika kuzozombili lezikole kumthokozisile uMphathiswa ukufica uhlelo lwama Winter Schools luhamba ngendlela,



UNgqongqoshe wezeMfundo uMnu. Mthandeni Dlungwana

bekhona othisha kanye nabafundi.

Ekhuluma ehlo ebeligcwele phama umphakathi uDlungwana uthe "kuyangithokozisa ukuba phakathi kwenu namhlanje futhi ngifisa nazi ukuthi uHulumeni wenu uyanithanda futhi uyaninakelela, yingakho namhlanje uNdunankulu uMnu Willies Mchunu esithumile ukube sibekhona kulendawo namhlanje ngenxa yokuthi siwuhulumeni onakekelayo njengoba ngikhona ngihleli la phansi ngilalela ukhansela Mngwengwe ekhuluma,

kuyangithokozisa ukuthi ninekhansela laluluhlobo lomuntu owazi ukusuka nokuhlala izindaba zesigceme senu.

Sifisa ukuthi kubekhona ukubambisana phakathi komphakathi nekhansela ngasosonke isikhathi ngoba lokho kuzokwenza ukuthi intuthuko ihambe kahle uma kukhona izinkinga zizoqondiswa kusenesikhathi. UDLungwana uqhubeka watshela abantu ukuthi, "UHulumeni wethu uzimisele yingakho sibonohlelo lokusabalalisa amaqakelo ezikoleni zethu ngoba siyanakekela abantwana bethu futhi yingakho sekwaba nohlelo lokudla ezikoleni zethu ukuze abantwana bengalambi uma befunda ngoba siyaqonda ukuthi abanye bantwana baphuma emakhaya ampofu."

Loluhambo lukaMphathiswa lube yimpumelelo, nabantu basesigcemeni sakwa M bengawuvali umlomo betusa uhulumeni wabantu ngokukhathala kwawo.

"Sifisa ukuthi kubekhona ukubambisana phakathi komphakathi nekhansela ngasosonke isikhathi ngoba lokho kuzokwenza ukuthi intuthuko ihambe kahle uma kukhona izinkinga zizoqondiswa kusenesikhathi."

OwezokuThutha wakha uhlaka olulodwa lokusebenzisana nemiphakathi

MABUYI MKARRY

Esinyathelweni esiyinqophamlando sokuletha izinguquko ekusebenzeni koMnyango wezokuThutha, uMphathiswa uMnu Mxolisi Kaunda usememezele ukuhlakazwa kwezinhlaka ezahlukene zomphakathi ukuze kwakhiwe uhlaka olulodwa oluzosebenzisana noMnyango. Ngemuva kokusungulwa koMnyango wezokuThutha KwaZulu-Natal ngonyaka ka-1994, kwasungulwa izinghlaka ezimele umphakathi ezisebenzisana noMnyango, kuhlanganisa ama-Rural Roads Transport Forums (RRTF), Community Road Safety Councils (CRSC) nama-Public Transport Passenger Associations (PTPA). Nokho, ngemuva kokubona ukuthi ukwakheka kwalezi zinhlaka akuhambisani nezinye izinghlaka ezisemthethweni ngokwezobudlelwane beminyango kahulumeni, i-Intergovernmental Relations Framework, uMnyango uthathe isinqumo sokuba kwakhiwe uhlaka olulodwa



UMphathiswa uMnu Mxolisi Kaunda nabaholi abebemele izinghlaka zemiphakathi abamukelise izitifiki zokubabonga ngokwenza kahle umsebenzi wabo kule minyaka edlule. **Isithombe: NATHI SUKAZI**

oluzobhekana nakho konke okuthinta ezokuthutha. Uhlelo lokwenza lokhu luqalwe nguNdanankulu uMnu Willies Mchunu esaphathiswe ezokuThutha, kanti lube selwemukelwa yisiKhabhinethi yesifundazwe neKomiti lezokuThutha esiShayamthetho ngonyaka ka-2012. Ekhuluma emhlanganweni nalezi zinhlaka ezezihlakaziwe ngeledlule, uKaunda uthethe kuzokwakhiwa amakomiti ezokuthutha, Transportation Committees,

amalungu awo azokhethwa ngokwe-voting district ewadini. Ikomiti lizobika ngqo eMnyangweni wezokuThutha njengoba lizobe lidingida zonke izinto ezithinta ezokuthutha. "Lokhu kuzosiza ukubhekana nenselelo yokungabi nendlela ehlelekile yokulethwa kwezidingo ezingeni lomasipala, kuqinisekise ukwabiwa kahle kwezinsiza. "Lolu hla olusha futhi luzokuba yingxenye yezinye izinghlaka zokulethwa kwezidingo kuhulumeni wasekhaya nakweminye iminyango

njengohlelo luka-Operation Sukuma Sakhe," kusho uKaunda.

Uqhube wathi uMnyango wakhe uphezu kwezinhlelo zokwakha isivumelwano sokubambisana noMnyango wezokuBusa ngokuBambisana nezomdabu ukuze kutholakale indlela ezoqinisekisa ukusebenza ngokubambisana phakathi kwamakomiti ezokuthutha namakomiti amawadi.

Ube esebonga bonke abebengamalungu ezinhlaka ezezihlakaziwe, wathi iqhaza labo libe likhulu kusukela ngo-1994 ngenkathi uMnyango usathola isabelo-mali sika-R3 million nje kuphela ukuhlinzeka ngemigwaqo emiphakathini yasemakhaya.

UMphathiswa uKaunda ubuye wachaza kabanzi ngohlelo loMnyango loguquko olusheshayo kwinhlalo-mnotho olubizwa nge-IGULA (Inclusive Growth, Unity and Economic Liberation of Africans and Blacks in general).

Uthe lolu hlelo lubhekeke ukuba lushintshe izimpilo zabantu kwezomnotho, ngokwenhlalo

kanjalo nangokwezepolitiki ikakhulukazi abantu abamnyama. Lokhu kuzobasiza ngokuthi babambe iqhaza ukuze bazuze empilweni. Uthe kuzezinhlelweni zoMnyango ukuthuthukisa imiphakathi ikakhulukazi leyo eyabe incisheke amathuba phambilini, ngokuthi izinkontileka zibe no-35% wabantu bendawo abasebenza kulowo msebenzi wentuthuko owenzeka endaweni.UMnyango uzophinde ubhekisise ukunikezwa kwemisebenzi kosonkontileka abakhulu abango-Grade 9.

"Silindele ukuthi bathuthuke kanjani osonkontileka abancane uma benganiwa imisebenzi ezobenza ukuthi bakhule.

EThekweni seluqalile uhlelo lapho imisebenzi yokuvala izikhinsi inikezwa imiphakathi, hhayi osonkontileka abakhulu.

Ukumakwa kwemigwaqo nayo yonke imisebenzi ehambisana nalokho engadingi amakhono atheni izonikezwa imifelandawonye yasemiphakathini ukuze nayo ihlomule," kuphetha uKaunda



KUQALE KAHLE UKUFUNDA KWAZULU-NATAL

MBALI ZULU

Ngosuku lwesibili izikole zivulelwe ikota lesithathu, amalungu esiShayamthetho sa KwaZulu-Natali kanye nabasebenzi boMnyango weZemfundo ngaphansi kwesiFunda saseLembe, bavakashelwe izikole ezintathu ezazivakashelwe ngo January unyaka uqala ngaphansi kohlelo lwe School Functionality Monitoring, okuwuhlelo lokuqapha ukusebenza kwezikole nokuhlola isimo sokulungela ukuvivinywa kokuphela konyaka. Inhloso enkulu yalolu hlelo ukuqinisekisa ukuthi ukufunda nokufundisa ezikoleni za KwaZulu-Natali kwenzeka ngendlela.

Phakathi kwamalunga esishayamthetho ekade ekhona bekukhona uMakhosi Ntuli obeshayela uhlelo, uMnu Steven Moodley kanye no Mnu Sbhongiseni Dlomo. Bekukhona nabasebenzi boMnyango abaphuma eNhloko hhovisi ekade beholwa u DDG uBarney Mthembu kanye nalabo ebebesuka kwisiFunda sase Lembe ebebeholwa uDkt Msawenkosi Madondo. Kulezinsuku ezimbili zohambo lwaseLembe izikole eziphinde zathola ukuvakashelwa kube Isifiso High School, Sbhonginhlaha High School kanye noKukhanyakwezwe High School.

Kuzona zonke lezikole ithimba lifike bekhona othisha kanye nabafundi bekhona begqokile nemifaniswano yabo yesikole bekulungele ukuba sesikoleni yize kade kuwusuku lwesibili izikole zivuliwe kulandela amaholidi asebusika, lokho okusho ukuthi kuqale kahle ukufunda nokufundisa kuzo zontathu lezikole. Kulandelwa uhlelo obeluchaza ngokuthi isikole ngabe sikulungele yini ukuqala kwezivivinyo zokuphela konyaka, kuvele ukuthi oThishanhlako bakuhlelele ukulungiselela

ukuhlolwa kweziningane. Izinto ezifana namagumbi okubhalela kanye nokukunye okuthinta ukuhlolwa ikakhulukazi ukuhlolwa kuka matikulethsheni kumi ngomumo kulezikole ezivakashelwe amalungu esiShayamthetho Kanye nabasebenzi boMnyango.

Yize bezivela izinqinamba lapha nalaphaya, kodwa okuningi kuvele ukuthi izinto ezingalungiseka ngaphambi kokuba abantwana bahlalele ukuhlolwa kokuphela konyaka. Ekhuluma kumhlanganayo obugcwele oThishanhlako ngaphansi kwesiFunda saseLembe, uDkt. Musawenkosi Madondo ongumqondisi wesifunda uthethe "siyabonga kakhulu ukuthi siphinde sihanjelwe amalungu esiShayamthetho KwaZulu-Natal.

Siyaqonda ukuthi lesisiFunda asenzanga kahle nyakenye kepha ngiyanihambisa ukuthi njengamanje sinozakwethu sonke sizimisele ukuthi sifake omkhulu umfutho ukuze kube khona ukwenza kancono kulesisiFunda sethu. Njeje siFunda seLembe sikulungele ukuhlolwa kweziningane kakhulukazi kumatikulethsheni.

Njengamanje oSubject Advisors baphuma baya ezikoleni ukuyolekelela ngisho phakathi emakilasini ezinganeni qobo.

Sibonga nohlelo lwamaBooth Camp obelukhona ngamaholidi abantwana bayile ukuyiqeqeshwa ngaloluhlelo. Siyethemba batholile ukusizakala njengoba bebeyingxenye yalolu hlelo ezikoleni ezahlukene," kunaba uDkt Madondo. UDkt Barney Mthembu, ongu Acting DDG: Curriculum Management and Delivery ukhuthaze othisha Kanye noMphakathi ukuthi baseke abafundi kulesikhathi esibalulekile, kwazise sezihubela sakusha.

WOMEN'S DAY 2017

THE YEAR OF OR TAMBO: WOMEN UNITED IN MOVING SOUTH AFRICA FORWARD

DATE: 09 AUGUST 2017

TIME: 08H00

VENUE: MONDLO STADIUM, B SECTION

#WOMENSDAY
#WOMENSMONTH

Mr Willies Mchunu
Premier of KwaZulu-Natal



Life and legacy of **OR TAMBO. 100 YEARS**

